# IBandla NeSimo SaLo

Isifo esingavamile impela somntwana kakhulu udinga ukukhunjulwa emkhulekweni namhlanje ekuseni, ngakho sonke impela sifuna ukwenza lokho. Ngisho nodokotela abazi. Basetha ngenhlotshana yegama elithizeni, kodwa ngicabanga ukuthi bavele basetha nje, ba—abasazanga ukuthi sasiyini. Futhi, kodwa uKristu uyazi ukuthi siyini. Ngingakutshela ukuthi siyini, yidemoni, kunjalo, uDeveli. Yiliphi igama abafuna ukuletha lona, ngani, lokho kukubo. Kodwa liyilokho, lingumoya omubi. Manje masithi, sonke kanyekanye, kanye sonke manje, "NgokuKholwa," wonke umuntu ezwakale manje.

Ngokukholwa, ngokukholwa,
Zonk'into ziyenzeka, ngokukholwa;
Ngokukholwa, ngokukholwa,
Zonk'into ziyenzeka, ngokukholwa.

2 INkosi izokuphulukisa, sisi. Asiyikhulekele intombazane manje njengoba sikhothamisa amakhanda ethu.

3 Baba wethu oseZulwini, kubonakala kungavumi ukusuka emqondweni wami. Intombazanyana lapho, ifa, ingethandekayo yomuny'umuntu. Ingokudaliweyo kwaKho, noSatane uyayiphanga empilweni yobusha bayo. Ngiyakhuleka ukuthi eGameni likaKristu ukuthi Uzovimba isandla sokufa, xosha lesositha. Wena, Nkosi, Ongenza uLwandle oluBomvu lube ludonga ngapha nangapha, futhi unika abantwana bakwa Israyeli, ifa laKho, uhambo oluphephile ukunqamula ulwandle nasekungeneni ezweni lesethembiso. Nkulunkulu, siyakhuleka namuhla ukuthi Uzohlehlisela emuva sonke isikhubekiso wenze umntwana aphile. Kunikezwe thina ukuba sicele. Futhi, njengesixuku sabantu abakholwa kuWe, sicela eGameni likaJesu ukuba kuphulukiswe umntwana. Ameni.

4 Namuhla kungenhliziyo ethokozayo ukuthi ngi—ngiza kini futhi eGameni leNkosi uJesu. Ngifika ekhaya ngaphambidlana kwesikhathi nje ngivela eLouisiana. Ngacabanga ukuthi mhlawumbe uma ngifike lapha ngaphambi kweSonto bengizoba noSonto sikole. Futhi kanti isimo sezulu besishisa ngokuxakile lapho, ukuthi thina . . . leli lingabe libekile, lipholile namhlanje ekuseni nganhlanye kwe Louisiana. Ungeze wahlala endlini enjengalena ngaphandle kwefeni, eLouisiana, bekuyosebenza isishayisi-moya kungenjalo beningaquleka.

5 Futhi ngiza ukuze ngithole nje usuku noma—ezimbili zokuphumula ngaphambi kokuba ngisuke ngihambe impela manje, ngiye eNyakatho Saskatchewan, ngeviki elizayo, futhi lapho kusenhla ePrince Albert. Ihamba kanjalo-ke imigwaqo ezweni, ngakwelinye icala. Unqamula yonke indlela phezu

kwezwe ngaphandle kokuba kubekhona imigwaqo, futhi akukho lutho kodwa ngamaNdiya nama Eskimo ngemuva maphakathi u-kwedlula lapho esiya khona kulesisikhathi. Ngakho sinabantu abaningi abazoba kulomhlangano bevela kuyoyonke iCanada. Abanye babo bayoza baqonde bevela eWest Coast, bathi, bayeza. Futhi ngiyidinga ngempela imithandazo yenu bantu, ukuthi uNkulunkulu uzohlangabezana nathi futhi asinike owedlulele, ochichimayo, umhlangano omkhulu wenkazimulo yaKhe. Sekuyiminyaka elapha kwemine kumbe emihlanu ngagcina eCanada. Futhi nginabangani abanye basebukhosini ngempela lapho, abangabantu abanomoya omuhle kakhulu.

6 Futhi bathembeke kakhulu ngokuya enkonzweni. Akunandaba ukuthi kubanda kangakanani, bayozisonga ngengubo bahlale esihlibhini esincane, bashayele ihhashi amamayela angamashumi amathathu, ukuze bathole ukuya enkonzweni. Bayohamba banqamule ezinqwabeni zeqhwa nakho konke okunye, abancane nabadala. Bonke babebangumshungu ndawonye. Nomunye umndeni uqoqane bese beqala ukuhamba, bese behamba. Kuyi—kungukuzinikela abakwenzayo yikho okubenza bazuze kakhulu enkonzweni. Nxa kungekho ukuzinikela, akubi kangako enkonzweni. Ufanele impela ukwehlela phansi wenze okuthize okulimaza kabi kabi, ufanele ukubeka ezinye izinto eceleni umise umsebenzi, futhi wenze *lokhu* kumbe *lokho*, ukuze uthole ukuya enkonzweni futhi ukhombise uNkulunkulu ukuthi uyaMthanda, futhi wenze ukuzinikela ukuze uhambe, kulapho-ke la uzuza khona kuyo.

7 Kunjengabantwana bami nje. U Billy Paul, ngacabanga ukuthi ngiyo. . .Angitholanga lutho ngenkathi ngisengumntwana. U Mama wayevamise ukuthola mhlawumbe isaka elilodwa lamaswidi wayelikala, ezimbili kumbe ezintathu izincezu kumuntu ngamunye. Mhlawumbe okukaKhisimusi sasithola icilongo elenziwe ngothayela elincane kumbe ivolovolo elincane elinesivalo, noma okuthize. Futhi ngibabone abanye abantwana benezihlibhi namabhayisikili nezinto, izingubo ezinhle namajakhethe afudumalayo. Futhi ngi—mina, kwakungenza ngiphatheke kabi kabi, ngathi, "Uma ngike ngabanabantwana abathi mina, ngizobenzela konke engingakwenza." Kuhle, ngiyoncama ukulamba ukuze ngibatholele okuthize abantwana bami. Futhi uma ngihlale. . . Ngenkathi u Billy esengumfanyana nje, ngimtholele ibhayisikili elinamasondo amathathu elincane, futhi ngimtholele konke. No Meda azame konke, ukunikela ngezingubo okungezakhe nezinto, ukumtholela okuthize. Kodwa niyazi ukuthi siqala uk'tholani? Ngamtholela ibhayisikili elincane elinamasondo amathathu, nomnsalo omncane nomcibisholo, nakho konke. Ngangimthola ne—nesipunu kumbe induku, phandle eyadini elingemuva, egubha ndawo-ndawo. Niyabo? Ngathi, "Abalandelayo ngeke babenjalo." Niyabo? Uvele unike noma

ubani konke esandleni sabo mathupha, abakufuni. Kuyinto obunganikela ngayo!

8 Futhi ikanjalo nensindiso. Ingukuzinikela okupheleleyo. Iyilokho, Mfowethu Roy. Ingu—ngumhlatshelo okumele uwenze nsuku zonke, into yo—yokusondela kuNkulunkulu nokwenza okuthize. Futhi ngiyazi kungumnikelo kini nonke kulokh'ukusa, nihleli kulendlu eshisayo. Njengoba sihlezi lapha, masigcine imiqondo yethu emHlatshelweni omkhulu kunayo yonke owake wanikelwa esintwini ukuba siwenze, lowo kwakunguJesu Kristu mhla Eyalwa ukuba eze emhlabeni ukuzofa esikhundleni sethu. Akusikho lokho kuphela, kepha umphefumulo waKhe wehlela esihogweni futhi waba lapho izinsuku ezintathu nobusuku, futhi ngosuku lwesithathu Wavuka, futhi manje wenyukela phezulu, uhlezi ngasesandleni sokunene sikaNkulunkulu, eZulwini, enza ukunxusa phezu kokuvuma kwethu ekubuyisaneni kwaKhe nomusa waKhe olungiselelwe thina.

9 Manje enhla e. . .enhla laphaya lapho esiya khona, kuyoba khona abantu abaningi, abampofu ngempela, abampofu ngempela, bazofanele bathengise ngeyodwa yezinkomazi zabo, ezimbili kumbe ezintathu zezimvu zabo, kumbe okuthize, ukuba bafinyelele emhlanganweni. I Eskimo elidala mhlawumbe liyokwenyuka nezinye zezikhumba zalo lizithengise, ngoba lidinge ngempela ukuba umndeni walo, uphume. Umhwebi weNdiya uyodinga enze okufanayo. Manje, singabakhulekela nje labobantu, singeke na? Futhi siyakhuleka ukuthi uNkulunkulu uzobanika into enkulu.

10 Manje, kuyashisa, angithandi ukunigcina isikhathi eside. Futhi ngithanda ukuba thina namhlanje ekuseni sibeke imiqondo yethu, ngaphambi nje kokuba sibe nomkhuleko wabagulayo, phezu kwe *Bandla Ne Simo SaLo*. Futhi, manje, ngizwa ukuthi ezinsukwini ezimbalwa ezadlule ukuthi uMlayezo ebandleni nganikwa wona e Shreveport, e Louisiana, futhi ngi—ngikholwa ukuthi uyizimo zebandla. Futhi sizobhekana noNkulunkulu ngaso namuhla ekuseni, futhi sikhuleke sicele uNkulunkulu ukuba asisize. Singahlosi ukuthatha ukusondela okufanayo, kodwa sicele uNkulunkulu asisize kulolusuku esiphila kulo. Futhi ngaphambi nje. . .Leli yiBhayibheli elihle elidala, kodwa phakathi nje lapho kubekwe izindikimba zokuPhila okuPhakade.

11 Futhi khumbulani, iZwi linguNkulunkulu, uNkulunkulu akangaphezulu kweZwi laKhe. Futhi asingaphezulu kwezwi lethu, futhi uma senza. . .Isizathu, manje, nina nami emqondweni owehlukile—umqondo, ngoba singa—singathi, "O, ngizokwenza into ethize," sisho lokho enhliziyweni yethu, kodwa izimo zingavuka ukuthi singeke—singekwenze lokho ebesithe siyokwenza. Kodwa uNkulunkulu angekwenze lokho, ngoba Ungongapheliyo futhi Wazi konke, futhi konke okwake

kwabakhona, kuyobakhona. Kumbe, kunjalo, Angeke enze inkulumo ngaphandle kokuba uma Azi ukuthi angayeseka.

12 No Abrahama, lapho esenekhulu leminyaka ubudala, wabiza lezozinto ezazingekho, ngokungathi zazikhona. Manje ngikusho lokhu njengokukhuthaza kulabo abazokhulekelwa, abagulayo. U Abrahama wabiza izinto ezazingekho, ngokungathi zazikhona, ebala ukuthi Lowo Owenza isethembiso wayekwazi ukusenza, kumbe, agcine lokho Akwethembisayo. Manje, ngenkathi uNkulunkulu etshela u Abrahama, lapho enesithupha . . . enamashumi ayisikhombisa-nanhlanu, noSara wayenamashumi ayisithupha-nanhlanu, ukuthi babezoba nengane, ngani, konke kwakungokungeke kwenzeke. Futhi wakukholwa lokho futhi wabheka ingane, wayibala ingane ngokungathi yayilapho, amashumi amabili-nanhlanu eminyaka ngaphambi kokuba ingane ize ifike. No Abrahama wayenekhulu ngenkathi ingane izalwa, noSara wayenamashumi ayisishiyagalolunye, ngoba waMkholwa. Futhi wabiza izinto ezingekho, ngokungathi zazikhona.

13 Manje, lokho kukwababagulayo nabakhathazekileyo abazokhulekelwa. Akunandaba ukuthi ziyini izinkathazo zakho, noma ngabe u . . . nhloboni yezifo onayo, noma umubi kangakanani, nxa wamukela uKristu, iZwi laKhe, khona-ke ubiza izinto ezikhona, ngokungathi zazingekho, uma ziphambene neZwi likaNkulunkulu. Manje, uNkulunkulu wathi, "Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo." Kuhle, uma uNkulunkulu akusho lokho, kuqeda konke. Ngakho masibeke umqondo wethu, ithemba, futhi sisebenze kube sengathi sekuvele kwenzekile. Lokho sekuvele kuphelile uma sikwamukela.

14 Insindiso iyindlela efanayo. Siyayikholwa, siyemukele, siyikholwe ezinhliziyweni zethu, senyukele phambi kukaNkulunkulu futhi samukele uKristu njengoMsindisi oqondene nathi, futhi siMamukele. Uma ulapha namhlanje ekuseni, futhi uyisoni, futhi ungasindisiwe, futhi ufuna ukuphulukiswa, uyagula, kuqala funa iNkosi. Mamukele njengoMsindisi wakho, khona-ke lesosifo siyosebenza sivele siphume. Noma kuba yini, vele ubeke wonke umcabango wakho (kukhona konke onakho) phezu koMuntu ophelele, uKristu Jesu, konke okunye kuyoba kahle.

15 Ngakho manje gcina umqondo wakho kulokho, ngoba ngisho lamazwi ambalwa mayelana nalabo abagulayo nabakhathazekileyo, ukuze ngikhulume namuhla ekuseni kulo ibandla nesimo. Ngokuba ngizwa ukuthi nakuba ukuphulukisa kukaNkulunkulu kumangalisa, kodwa ngenkathi ngise Shreveport, ngaba nezinkonzo kuphela ezithi azibe ntathu zokuphulukisa phandle ngenkathi ngisezansi lapho, ezintathu, kumbe mhlawumbe ezine, ezabasemqoka kakhulu, ezinsukwini ezilishumi nanye. Kusemqoka kakhulu ukushumayeza

imiphefumulo yomuntu kunanje-ngokuba kugxilwe isikhathi esiningi kakhulu ekuphulukiseni kukaNkulunkulu. Naphezu, abantu abagulayo nabadingayo, uNkulunkulu engabaphulukisa. Futhi sekuvele kuqinisekisiwe umhlaba jikelele, ukuthi Uyakwenza. Kodwa into enkulu, manje, kusemphefumulweni ongasoze wafa. Umzimba uyofa. Kodwa umphefumulo awusoze wafa, futhi sifanele ukugcina lesosilinganiso futhi siqondile kuNkulunkulu.

16 Bengihlale ngisho lokhu. Ngifuna kwenziwe konke, kodwa nxa ngehlela kulowomfula ngalokho kusa, angifuni kukhathazeka lapho. Ngifuna ukuba nethikithi lami esandleni sami, ngilindele igama lami. Futhi ngifuna ukuthi, njengoPawulu wasendulo, Mfowethu Creech, "NgiMazi emandleni okuvuka kwaKhe." Ukuthi nxa Ebiza phakathi kwabafileyo, ngiyophuma othulini. Ngifuna ukuMazi emandleni okuvuka kwaKhe.

17 Ngakho, manje, Yena OnguMlobi weNcwadi, asikhothamise amakhanda ethu nenhliziyo kuYe okwesikhashana.

18 Futhi, Nkulunkulu, Baba wethu, siza kuWe manje, ukucela ukuthi Uzovula iZwi laKho kithina. Singaphequlula amakhasi, kodwa nguMoya oNgcwele kuphela ongavula iZwi. Ngakho Livule kithina namuhla ekuseni, Baba, futhi sinike owadlulele umusa waKho omkhulu. Silindela Wena. Futhi sengathi uMoya oNgcwele ungangena eZwini, futhi uLikhiphe ngezindebe zomuntu liye ezinhliziyweni zabantu, futhi sengathi AngaLithatha aLibeke enhliziyweni yalowo nalowo njengoba sidinga nje. Futhi uma izinkonzo seziphelile, silungele ukuphendukela emakhaya ethu, sizothi ngokuzithoba sikhothamise amakhanda ethu sinike Wena ukubonga nodumo, ngakho konke esikufunde ngaWe nalokho Osenzele khona. EGameni likaKristu siyakucela. Ameni.

19 Ukufundwa kweZwi, ngale ku Johane oNgc., isahluko 1, nina eninamaBhayibheli enizothanda ukufunda nami noma nikuqophe phansi kube yitekisi. Futhi sizofunda itekisi eZwini, futhi-ke masikhuleke, nokuthi uMoya oNgcwele uzothatha ingqikithi yendaba eZwini ukuba asinikeze. SingaLifunda, thina esikwazi ukufunda singaLifunda, kodwa kuphela nguNkulunkulu ongakhipha ingqikithi yendaba. Itekisi lingafundwa, ngoba LiyiZwi laKhe, kodwa-ke i—ingqikithi yendaba imele inikezwe nguNkulunkulu. Manje, ku Johane oNgc., isahluko 1, futhi masiqale evesini 28 futhi sifunde sehlele ku 32, naye.

> *Lokho kwenzeka . . . ngaphesheya kweJordani, lapho uJohane wayebhaphathiza khona.*
>
> *. . . ngomuso uJohane ubona uJesu eza kuye, futhi* wathi, *Bheka iWundlu likaNkulunkulu, elisusa* izono *zezwe.*

> Futhi *nguye ebengisho ngaye, Emva kwami kuza umuntu owavela ngaphambi kwami: ngokuba wayekhona kuqala kunami.*
>
> *Nami bengingamazi: kodwa* yena. . .*kodwa ukuze a*. . . bonakaliswe *ku Israyeli, ngalokho* ngizile *ngibhaphathiza ngamanzi.*
>
> . . .*uJohane wafakaza, wathi, Ngibonile uMoya ehla ezulwini njengejuba, wahlala phezu kwakhe.*

Ngifuna ukukufunda lokho futhi, lelovesi lokugcina, ivesi 32.

> *NoJohane wafakaza, wathi, Ngibonile uMoya ehla ezulwini njengejuba, wahlala phezu kwakhe.*

20 Manje iNkosi ayenezele izibusiso zaYo eZwini. Ngifuna nizame uku—ukubamba lonke izwi uma singakwenza. Ningizwa kahle emuva le na? Kulungile, ningizwa kahle emuva laphayana na? Uma nizwa, phakamisani isandla senu. Kuhle.

21 Manje, ngifuna ukukhuluma kini namhlanje ekuseni ngo—ngomfanekiso, ngendlela ethize ukuze u—umuntu ongalubhadi ngisho kwasanhlobo esontweni olapha uzokwazi ukuqonda. Manje, siza enkonzweni ukuba sizenze ngcono. Siza ukuba sizenze abantu abangcono, umKristu ongcono, isakhamuzi esingcono, obaba abangcono, umama ongcono, omakhelwane abangcono. Siza ngoba uKristu usitshelile uma siza, sicele noma yini eGameni laKhe, lapho esibuthene khona ndawonye sibaningi ngangababili noma abathathu, Uyoba nathi futhi uyosipha khona. Ngakho, kungaba yini okunye futhi, okungaba ngokungcono kithi namhlanje kunokwazi ukuthi sisenkonzweni ukuba sibe ngabangcono, ukwandisa ukuqonda kwethu. Bangaki abangathi, "Ngikhonela lokho lapha na"? Asibone. "Ngi—ngifuna ukuqonda okungcono." Futhi singeke—singeke saba nokuqonda okungcono ngaphandle uma. . .Futhi uma sizoba nokuqonda kukaNkulunkulu, kumele kuvele eZwini likaNkulunkulu, ngoba iZwi liyilokho uNkulunkulu asinika khona ukuba siphakele imiphefumulo yethu elambileyo. NoMoya oNgcwele wathunyelwa ukuthatha iZwi likaNkulunkulu nokuba asondle ngeZwi. Niyakubona na? Niyabo, thina. . .UMoya oNgcwele uthunyelwa evela kuNkulunkulu, ukuthatha iZwi likaNkulunkulu nokuba asinikeze Lona njengoba sidinga. Manje, Ngiyajabula ukuthi uNkulunkulu wenza ukulungiselela okunjalo. Anijabuli na? Ukuthi Uyosondla.

22 Siyizimvu zedlelo laKhe. Sizokhuluma ngalokho esikhathini esincanyana, imvu. Futhi singumthathu kaNkulunkulu, futhi nxa Engaba nokusiphatha ngokugcwele Angasihola asiqondise.

23 Manje, kwamthokozisa kakhulu uNkulunkulu, ukuthi mhla Ethumela uJesu emhlabeni, ukuthi kwaMthokozisa ukuMveza njengesilwane, nalesosilwane kwakuliwundlu. Emuva le

ekuqaleni, eNsimini yase Edeni, ezibikezelweni zokufika kukaJesu, uNkulunkulu wanikela nge—ngewundlu ukuba libe ngumnikelo oyisibambiso ezibikezelweni zokufika kukaKristu. Manje, bengihlale ngimangala kungani ukuthi uNkulunkulu abikezela uKristu njengesilwane, njengesilo. Kodwa sifika ekutholeni ukuthi iWundlu, isizathu sokuba Akhetha iwundlu, iwundlu limnene futhi linokuthula kakhulu ukwedlula zonke izidalwa ezikhona emhlabeni. Akukho lutho olunye ngaphezulu olumnene nolunokuthula kunanewundlu elincane, lizilungele nje, ali-ziphathi. Li—aliqholoshi. Lingesinokuthula, esimnene isidalwa esincane. Futhi mhla uNkulunkulu ezoveza uKristu ezweni. WaMveza esewundlwini.

24 Manje, kodwa lapho uNkulunkulu, uBaba uNkulunkulu, uJehova, wayezoZiveza evela eZulwini, Wavezwa kwesimnene ngokwedlulele, esithobe kunazo zonke izinyoni ezindiza ezulwini, lokho, lijuba. Ayikho inyoni ethobe njengejuba, ngenza ucwaningo olunzulu empilweni yenyoni nasempilweni yezilwane zasendle, nejuba liyinyoni eyinqaba kunanoma yiyiphi enye inyoni endiza emazulwini. Ijuba liyi—liyi—liyisithandwa. Ijuba linokuthula. Futhi ijuba alinayo inyongo, yilo kuphela emndenini wakonyoni elingenayo inyongo. Yingalesosizathu ungalokothi ubone ijuba nomaphi kodwa ngalapho la kukhona okusanhlamvu nembewu.

25 Manje, emkhunjini, kwakukhona ijuba. Futhi ijuba livezwa ezindaweni eziningi eBhayibhelini. Lifanekisa uMoya oNgcwele. Kanti futhi iwundlu livezwa ezindaweni eziningi zeBhayibheli, njengo Kristu, eSambulweni, kuze kuyoshaya emuva kuGenesisi, futhi linjalo nejuba.

26 Futhi naseNcwadini kaGenesisi, ijuba lalisemkhunjini, lihlezi othini kanye ne—nezinye izinyoni zasemoyeni: futhi enye yazo kwakuyiwabayi, igwababa. Negwababa lingenye yezinyoni ezideleleke kunazo zonke kwezikhona, igwababa nenyoni efana negwababa enezimpaphe ezimbalabala, ngiqagele, cishe kuyizinyoni ezideleleke kakhulu esingazithola. Igwababa yinyoni ephila isikhathi eside, futhi iphila (zishiwo kanjalo) nje, mhlampe, amabili noma amakhulu amathathu eminyaka, lelo yigwababa . . . Upholi uphila ngaphezulu kwalokho.

27 Kodwa ijuba yisilwane esisodwa noma yinyoni eyodwa engenayo inyongo. Manje, igwababa lingahlala ngale kwalapha futhi lidle isidumbu sento efile. Awusoze walibona ijuba eduze kwalesosidumbu sento efile. Lingeke lasimela. Iphunga elibi laso ekhaleni lalo, lingeze lalimela. Lingalenza ligule. Angeke nje sampela amele noma yini eyonakalayo, ebolayo. Angeke ayimele, ngakho alisidlanga. Uma like lasidla, besiyolibulala ngokushesha ijuba, ngoba okugaya ukudla ngukuphuphuma kwenyongo esiswini okugaya ukudla. Futhi uma kungekho-nyongo ukuba ingene lapho ukuphakamisa lokhu, khona-

ke kuyolibulala ijuba. Ngakho uyohlala njalo uthola ijuba lingalapho la kukhona into ehlanzekileyo, into enempilo.

28 Manje, igwababa lehlukile. Manje, qaphela nje igwababa lingumfanekiso womzenzisi. Igwababa lingahlala ngapho phezu kwe—phezu kwesidumbu sento efile lidle ngendlela elithanda ngayo, futhi lindize liqonde ensimini lidle nokolo, futhi. Kodwa ijuba lingeke lidle ukolo futhi bese lindiza liyohlala phezu kwesidumbu sento efile.

29 Ngakho, umzenzisi, umuntu angaba ngumzenzisi futhi kokubili adle izinto zokomoya, nezinto ezinhle nezinto ezimbi. Kodwa umKristu wangokoqobo ozelwe ngokusha angeke azibekezelele izinto eziliphutha, futhi kuphela angadla entweni enhle. Kuqapheleni lokho! Nxa ubona umfokazi ongaya emdansweni, aphume ahambe aphuze, aphume ahambe ahlale esonweni, abuyele ebandleni futhi mhlampe amemeze ngokufanayo nse nongcwele, kuyini, ungumthuthambi, angadla kokubili into ebolile nento enhle. Kodwa umKristu wangampela angeke asazibekezelela lezozinto, ngokuba usedlulile ekufeni wangena ekuPhileni. Futhi ngokushesha kungamlahla kanjalo, imicabango yakho nje, ngangokuthi kungamlahla aze aphendule ubuso bakhe asuke ahambe. O, isithombe esinje!

30 Manje, iwundlu lingumngane omncane onokuthula nje. Alikwenzi, alikwazi ukuzisiza. Alizethembi, ngoba alikwazi ukuzisiza. Lapha esikhathini esadlulileyo ngangihamba ngidabula edlelweni ngenkathi ngisaqapha, futhi ngathola iwundlu elincane, futhi onke amanye ayesukile kulo ngandlela thize, futhi lalilimele yonke indawo enqwatshaneni yocingo olunameva. Futhi nomnganyana ohluphekile wayelele lapho, lopha likhala. Futhi ngisondele futhi ngibuke enhla le, cishe ingxenye yemayela enhla, kwakunomhlambi wonke wezimvu. Manje, laliyolala khona lapho namagwababa ayezolikhipha amehlo alo ngokushesha ukuba sasingalikhiphanga. Kodwa ngamhlenga ekulimaleni umngane omncane, ngamqukula ngengalo yami. Akazange aze anqabe. Walala wathula du. Ngamqukula ngezingalo zami. Kuqala—kungokokuqala, mhlawumbe, ukuba abantu baze babeke izandla zabo kuye, kodwa wayenokuthula. Wayethanda ukuholwa. Wayethanda ukusizwa. Ngiyethemba niyakubona. Wavuma ukuba angazami ukuzabalaza kumbe ukuphindisela ngokukhahlela, noma ukuluma. Amawundlu awaphindiseli ngokukhahlela, awalumani; ayazithoba nje. Nalomngane omncane, ngamthwala ngenyuka naye ngase ngimbeka phansi kwezinye izimvu. Emizuzwini embalwa umama wakhe wamthola, wajabula kakhulu! Manje, lokho kuluqobo impela lweWundlu likaNkulunkulu!

31 Niyazi, lapho behamba beyobulala imvu, niyazi ukuthi yini ehola imvu iyenyusele esibayeni sokubulalela, yimbuzi. Kodwa imbuzi izoyihola imvu iqonde emhubheni endlini

yokuhlabela, futhi, bese kuthi ngesikhathi ingenisa imvu seyenyuka ngomhubhe, izothi isuka ibigxumela ngaphandle. Kodwa, o, bathi, uma bezobulala imbuzi, lapho ikhahlela ingqashangqashe. Niyabo?

32 Futhi yileyondlela uDeveli ayokwenza ngayo. Uyozama ukuholela abantwana bakaNkulunkulu abayise kokudelelekile kunakho konke, kodwa uma sekufika esikhathini sokuba afe, ukhahlela angqashangqashe ngempela ngalesosikhathi. Yileyondlela uDeveli akwenza ngayo. Futhi yileyondlela ngesinye isikhathi, enye intombazanyana ebukeka iligugu kumbe omunye umfanyana ongumdlwembe, enepaki likasikilidi noma ibhodlela likagologo, uyoyidukisa intombazanyana, iwundlu, neponi lomunye umuntu, aliphambukise. "O, kulungile. Akukho lutho kuyoyonke leyonto yokutusa ubuhle bokuya enkonzweni." Kodwa ake aficwe ukufa lowomfana omdala ngesinye isikhathi, umuzwa enswininiza, empongoloza izwe lonke. Futhi yileyondlela uDeveli akwenza ngayo.

33 Kodwa iwundlu linokuthula kakhulu, ukuthi lingaholwa. Futhi yingalesosizathu ukuthi uNkulunkulu waveza uKristu njengeWundlu, naYe uqobo njengeJuba. Futhi ngosuku uJohane abhaphathiza ngalo uJesu emfuleni waseJordani, esinye sezehlo ezinkulukazi esezake zenzeka, zenzeka khona lapho. Qaphela kuhle kangakanani! IWundlu, esimnene kunazo zonke izidalwa zomhlaba, neJuba, esimnene kunazo zonke izinyoni zeZulu. Manje, yileyondlela kuphela ezazingahlangana ngayo. Kuyindlela kuphela yokuba iJuba lize ngayo phezu kweWundlu. Manje, ngenkathi iJuba lehla, uJohane wabona uJesu, wayesethi, "Bheka iWundlu likaNkulunkulu, elisusa izono zezwe." NoJohane wathi, "Ngafakaza, ngibona uMoya kaNkulunkulu njengeJuba wehla, uhlala phezu kwaKhe." Haleluya! Nakho lapho ukhona. IJuba neWundlu kwahlangana ndawonye. Lokho kungenkathi lapho uNkulunkulu noMuntu bebamunye. Lokho kungenkathi iZulu nomhlaba kuhlangana. Haleluya! Kulapho ngenkathi uNkulunkulu enziwa inyama, wayiletha, kungenkathi lapho uNkulunkulu ehla evela esimweni sikaMoya wayesenziwa uMuntu wase akha phakathi kwethu. Kungaleyonkathi lapho lonke iPhakade lisingathana. Kungaleyonkathi lapho isintu esiwileyo sesizwe sabantu baka Adamu noJehova uNkulunkulu nazo zonke izingelosi kuhlangana ndawonye, lapho uNkulunkulu nomuntu benziwa munye, ngalolosuku olukhulu lwesikhumbuzo ngenkathi uJohane ebhaphathiza uJesu.

Manje, ukuba-ke kwakukade kuyimpisi? Ukukhala okumnandi kweJuba kwakungasoze kwakwazi ukuma eduze kwempisi.

34 Yini enhle kakhulu ukwedlula lapho sekuphelele ukuhlwa ukuzwa amajuba asendle amadala ehlezi phandle lapho akhale isikhashana na? Emva kokuba ngilahlekelwe umkami

nengane...Ngangingathandi ukwazisa noma ngubani ukuthi ngangenzani. Ngangivamise ukungena emotweni yami endala, ngangishayela ngiphume ngiwele umgwaqo lapha, ngiphumele lapha emangcwabeni ase Walnut Ridge, ngihlale phezulu lapho eceleni kwesihlahla bese ngibuka phansi ethuneni. Kwakungavumi nje ukuba ngibakhohlwe. Kwabukeka sengathi angeke ngisaphinde ngikumele. Mina inganyana yami, ilele lapho, inezinyanga eziyisishiyagalombili ubudala. Yayivamise kanjani ukubamba izandla zayo futhi ize kimi, futhi ngangibetha uphondo noma ngisho okuthize kuyo, futhi yayithi "guu-guu," ikhiphe izandlana zayo. Futhi ngangihlala phansi eceleni kwesihlahla, kakhulukazi nxa sekuhwalala. Futhi lapho kwakuvamise ukubakhona ijuba elidala elalihlala phandle lapho esihlahleni, laliye likhale. O, he! Ngake ngamangala ukuthi kungebe ngumphefumulo ongasayikufa wengane yami obuyayo uzama ukukhuluma nami nje. Akukho okumnandi kunalokho kukhala kwejuba. Lithandeka kanjani pho! Liletha izindaba. Lizama kanjani nje ukwenza ukuthula! Vuka kusesekuseni, hamba uye emahlozini lapho eduze kwalapho ngihlala khona, kuyinto yokuthula ukulalela! Ngihlezi phezulu kulesosihlahla eside esikhulu, lawomajuba ehlabelelana.

35 Ngolunye usuku, ezansi kwaMfowethu Cox, umama omdala oyijuba wayenamaphuphu amabili. Futhi ayehlala phezulu le esicongweni sendlu, ukuze amakati angawatholi. Nomama omdala oyijuba wayewafunza ukudla. Abese-ke ehla aye kuwo awayise phezulu esihlahleni, futhi ayehlala lapho nezintamo zawo zigaxelene, akhale athandane, usuku lonke, amabili amancane, amaphuphu ejuba anokuthula.

36 Futhi ngacabanga ukuthi noNkulunkulu ukanjalo, (ijuba liyinyoni ethandeka ngempela) neJuba, uNkulunkulu, ethanda ukwenza uthando nabantu baKhe. UNkulunkulu ufuna ukuthandwa. UNkulunkulu ufuna ukunithanda. "UNkulunkulu walithanda izwe kangaka, Wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa, ukuthi yilowo nalowo okholwa yiYo angabhubhi, kodwa ukuba abenokuPhila okuphakade." Ayibusiswe iNkosi! Kwase kuthi-ke uNkulunkulu, efuna ukwenza uthando, Wadinga abe nokunye...enze into ethandekayo. Wadinga enze into enokuthula njengaYe uqobo. Wadinga enze into engathandwa. Wadinga enze into yeMvelo engeyaKho Qho.

37 Wawungeke uthande into okwakungeyona eyemvelo engeyakho. Ukuthanda kufanele kuhlangane nothando. Indoda nomfazi bamele bathandane, uma kwenzeka benza udonga. Umndeni umele ukuthandana, uma kwenzeka benza udonga. Into yokuthandwa! Ufunisisa ndawo zonke, ukuthola intombazane ezoba ngumkakho omthandayo. Iyafunisisa, ukuthola indoda engayithanda.

38 NoNkulunkulu uyafunisisa, ezama ukuthola umphefumulo Angawuthanda. Ngakho, Waziveza lapha emhlabeni njengeJuba

elinokuthula neWundlu elinokuthula. Uma leloWundlu laliyoke lithi emzuzwini owodwa like lithathe imvelo yokuhhahhama kwempisi, lelojuba laliyovele Lindize ngokushesha, laliyovele lizihambele.

39 Kodwa i—i—iwundlu, alinamiqondo emikhulu engeyalo. Iwundlu liyinto eyodwa, lapho lilahlekile, lilahleka lingabi nakuzisiza. Imvu ayikwazi ukuthola indlela yayo yokubuyela emuva. Yingaleso sizathu imbuzi iyiholela ekufeni kwayo. Ayikwazi ukuthola indlela yayo, imvu elahlekile. Yingaleso sizathu uNkulunkulu esifanisa nezimvu. Nxa silahlekile, silahlekile. Ayikho indlela esingazithola ngayo. Futhi kukhona indlela eyodwa yokukwenza, ingukuba, siziyise thina kuMelusi womhlambi, futhi nguYe oholayo.

40 Manje, lapho ngiqaphela leliWundlu nezimvu ndawonye... iWundlu neJuba, njalo, ndawonye, babamunye. Khona qaphela ukuthi iJuba lalihola kanjani iWundlu, iNdodana kaNkulunkulu. Yayinokuthula okumangalisayo, yazi ukuthi Yayizoya ekuhlatshweni. Yayinokuthula okumangalisayo, ukuba njalo ingazami ukuZenzela, ingazami ukuqholosha. Yathi, "Angenzi lutho Aze uBaba angikhombise kuqala, noBaba uhlala kiMi."

41 Manje, enye into iwundlu eliyiyo, iwundlu liyavuma ukunikela ngamalungelo alo. Manje, uNkulunkulu ufuna sibe ngamawundlu, kodwa kukhona izikhathi eziningi esingathandi ngazo ukunikela ngamalungelo ethu, silahle amalungelo ethu. Ngakho abaningi benu bathi, "Kuhle, nginamalungelo, Mfowethu Branham." Lokho liqiniso, kodwa uyavuma ukuwalahla amalungelo akho na? Uyavuma ukunikela ngamalungelo akho, ukuba uNkulunkulu akwazi ukukuhola na? Kuyileyondaba-ke emabandleni ethu namuhla, eningini elikhulu, ukuthi ukuthula kweWundlu likaNkulunkulu... Sifanele ukuba ngamawundlu, sesiphenduke saba yinoma yini kodwa asangabi amawundlu. Futhi yileso isizathu, ngokushesha nje uma singena kulesosimo, iJuba likaMoya oNgcwele Lisuka lindize lizihambele.

42 Uma iWundlu likaNkulunkulu laliqale lahhahhama njengempisi, noma lalenze noma yini ephambene nalokho iJuba elinokuthula elalikuvumele, iJuba laliyovele Lindize. Laliyovele lisuke ngomzuzu.

43 Futhi yingalesosizathu namhlanje ukuthi siyamangala, "Yin'indaba ngebandla lePentekoste na?" Yingoba sesithathe imvelo eyehlukile. Sesithathe imvelo yokuthi, "Sifuna amalungelo ethu. Sizokwenza esikwaziyo ukuthi kulungile ukukwenza." Futhi siba ngabazidlayo. Sibe nodlame. Siphenduka abanganaki. Sivumela ukuthukuthela kungene. Sivumele ubugovu bungene.

44 Iwundlu, uma kufika isikhathi . . . Linovolo ongowalo, lokho kungamalungelo alo. Linovolo okungowalo, kodwa bathatha iwundlu baliphonse phezu kwamabloks, babophe izinyawo zalo phansi. Alilokothanga lakhahlela, alilokothi liqophisane. Uvele uthathe amalungelo alo uwasuse kulo, ngoba liliwundlu. Lingenze lutho olunye, ngoba leyo yimvelo yalo. Kodwa kanye ake unyathele umKristu, uzothola ukuthi uyiwundlu noma uyimbuzi. Uzothola ukuthi uyini, ake umnyathele kanye. Futhi kungalesosizathu namhlanje ukuthi amabandla ethu likulesisimo ayiso.

45 Sizibize ngewundlu likaNkulunkulu. Abesifazane nendoda, ndawonye, izame ukusebenza konke bayeka ukuba njengamawundlu kaNkulunkulu. Ubabuka behla ngomgwaqo, bekhindile, begunde izinwele, amafaskamu onke ezinweleni zabo. Futhi eminyakeni embalwa eyadlule, nibiza . . . nina, ba . . . wawungeke ubaqashele ukwenza lokho. Futhi kanti-ke niyamangala ukuthi kungani kube yibandla elisesimweni esinje, yingoba nithathe i mvelo yempisi kumbe yembuzi, esikhundleni sokugcina ukuthula okumnene. Futhi uthi, "Lokho lilungelo lami, Mfowethu Branham." Ngiyazi ukuthi lilungelo lakho. "Abagundi bagunda izinwele. Futhi uma nje umgundi ezogunda izinwele, anginalo ilungelo na?" Kunjalo, lokho lilungelo lakho lase Melika. Kodwa uyavuma ukuliyeka, ukuze ube liwundlu na? Uyavuma ukuzinikela na?

46 Nani nina besifazane, esikhathini esingeside, nanehla ngomgwaqo . . . Kuyajivaza ukubuka indlela abesifazane abagqoka ngayo namhlanje. Futhi angikhulumi ngePresbyterian ne Methodisti, ngikhuluma ngani nina besifazane bobungcwele. Nehle ngomgwaqo, futhi ku . . .

47 Nginesiphambano esincane esilenga ngaphambili emotweni yami, futhi omunye wathi kimi, wathi, "Billy, uyazi ukuthi lokho kuyisifanekiso seKatolika na?"

48 Ngathi, "Alithola nini amaKatolika igunya lokuziqokela esiphambanweni na?" Abakaze! Lokho akusona isifanekiso sokholo lweKatolika; lokho yisifanekiso sokholo lomKristu. Ukholo lweKatolika lungocwebileyo omncane ofileyo, lukaMariya noma—noma omunye umuntu ofileyo abamkhonzayo. Asibakhonzi abantu abafileyo. Asimkhonzi uCecelia oCwebileyo nabo bonke labo abacwebileyo abehlukene. Lokho ngubuKatolika, okuyindlela ephakeme yokuxhumana nabangasekho. Kodwa isiphambano simele Yena Owafa wabuye wavuka futhi.

49 Futhi ngathi, "Ngisigcina lapho, ngibuke emgwaqeni. Eminyakeni engamashumi amabili nanhlanu eyedlulayo, kumbe engamashumi amathathu, lapho engangicishe ngibe yimpumputhe, ngethembisa uNkulunkulu uma Engaphilisa amehlo ami ngiyobuka into efaneleyo." Futhi ngathi, "Kunoma yikuphi la ubuka khona, kungokukhulu ukungamesabi

uNkulunkulu, abesifazane begqoke ingxenye, nabesifazane abanqunu becambalele emagcekeni nasezindaweni zonke. Ngibuka isiphambano esikhundleni sokubuka, futhi ngikhumbule engakwenzelwa nguKristu, futhi ngingayibuki into . . . engekaDeveli. Haleluya!

50 Futhi lapho, bantu, ningasho ukuthi leyo yi "Presbyterian, yiKatolika," leyo yiPentekoste! Ameni. Uthi, "Nginelungelo kukho, Mfowethu Branham." Kulungile, kodwa uma wawuliwundlu, ubuyowalahla amalungelo akho. Futhi nxa uhamba wenze kanjalo, uMoya oNgcwele, iJuba elinokuthula, lisuka Lindize khona manjalo. Lingeke lahlazeka kanye nawe. Qha, qha. Ungalokothi ucabange ukuthi uzoziphatha kanjalo bese ugcina uMoya oNgcwele. Ungeke ukwenze! IBhayibheli lasho njalo. Ufanele ulahlekelwe ngawakho . . . Kuhle, uthi, "Bonke abesifazane bayakwenza."

51 Nawe ndoda, wena sihlupheki, esincane, ongenamathambo, izinto zesitabane, wena, ovumela umkakho enze into enjengaleyo, lokho kukhombisa ukuthi wenziwe ngani. Yingalesosizathu ungenawo uMoya oNgcwele njengoba uzisho ukuba unawo, kungenjalo ubuyoba nokuthile okwaneleyo ngawe ukumenza aziphathise okwenenekazi uma nje ehlale nawe, nakanjani. Ameni. Lokho kuzwakala kuyisidala, kuyasika. Kodwa yilokho okudingwa yibandla namhlanje, yisidala, uMoya oNgcwele ehlanza ekhuculula, aphanyeke phandle futhi omise phandle, futhi a-ayine ngaphandle, ngoMoya oNgcwele. Impela!

52 Izwe lingene esimweni esinje! Baphumela emgwaqeni baziphathe noma ikanjani! Nigqolozele itelevishini ngolwesiThathu ebusuku, futhi ningeke niye enkonzweni! Ukuthi nina, ngani, kodwa akukho-mntwana ezweni . . . ongazi konke ngokuthi uDavid Crockett ungubani. Nalawomanga angcolile, ethi wabulala ibhele eneminyaka emithathu ubudala, niyazi ukuthi amanga lawo, kodwa niyekela abantwana benu bahlohle emakhanda abo agcwale into enjalo. Futhi akukho nelilodwa iphesenti ekhulwini elake lazi utho ngoJesu Kristu. Yingoba lelizwe selingcole kakhulu! Lesisizwe, sesijivaze kakhulu futhi saqhela kakhulu kuNkulunkulu, senqabe uMoya oNgcwele.

53 O, uthi, "Ngiya enkonzweni ngimemeze." Ungakwenza lokho. Kodwa, lize leloWundlu likaNkulunkulu lihlale enhliziywveni yakho, futhi likwenza uhlanzisise impilo yakho futhi uziphathe njengomuntu ohlukile, angeke kukusize ngalutho ukuzifanisa nobuKristu. Ufanele ukuba nabo. Ameni.

54 Ngaya endlini lapha esikhathini esingeside, ukuvakashela umuntu ogulayo, nenenekazi lalicambalele, lihlezi lapho. Nomncane omdala u Oswald wangena, isigqoko esibeke eceleni ekhanda lakhe, wathi, "Mama, ngabe ukudla kwasemini sekulungile na?"

55 Wathi, “S‘thandwa, besingenaso isikhathi” wathi “namhlanje ekuseni ukwenza ngisho ukudla kwasemini.” Wathi, “Ngikulungisela isamishi,” wathi, “akhona amawolintshi.”

56 Waya ngale wathatha iwolintshi, walibuka, waliluma, walijikijela kakhulu phezulu obondeni, amanzi alo ehlela phansi, wathi, “Uma kuyilokho kuphela onakho kulendawo, ngizovele ngiphume,” kanjalo.

57 Ngacabanga, “O Nkulunkulu, ake abe ngowami imizuzu cishe emihlanu nje!” Mfana, ngingamebula isikhumba sengathi akaze azi ukuthi sebuliwe. Kodwa bona belele lapho, bedabukisa nengane. Akudingayo yifeshini enhle endala yokumebul‘imbambo. Yilokho esikudingayo, amakhaya esidala futhi, nabany‘abashumayeli abayoma emva kwepulpiti bashumayele iQiniso, baLibeke phansi lapho khona Lingelakhona. Ameni. Liqiniso lelo. O, he!

58 U Mary omncane ashwibe izinyawana zakhe, athwale lelokhadlana aswaye lezo‘ndetshanyana zomlomo ezipendwe-sambali (ngezinto zika Max Factor) phezulu emoyeni, aphakamise ikhanjana lakhe aphume endlini ahambe. Ihlazo uqobo! Abantwana abangalaleli kanje! IBhayibheli lathi bayoba ngabanjalo. UmBhalo wathi bayoba ngabanjalo. Ukuthi bayoziphatha kanjani, ukuthi bayokwenza kanjani, nezinto ezenzekayo ezweni namhlanje, yingoba bamdabukise wahamba uMoya oNgcwele.

59 Eminyakeni embalwa eyadlulayo. Ngiyahamba manje ezinsukwini ezimbalwa ukuyogubha ukwehla kokuqala kukaMoya oNgcwele eMelika, amashumi amahlanu eminyaka eyadlulayo ngalonyaka, emhlanganweni omdala wase Azusa Street, umhlangano wepentekoste e Los Angeles, lapho baba nokokuqala ukwehlelwa kwabo nguMoya oNgcwele, ngenkathi abantu behlangana ndawonye. Ngenkathi uKristu ehlela phakathi kwalabobantu, babengabanobumnene nje, benokuthula nje. Baphila izimpilo zokumesaba uNkulunkulu. Baphila izimpilo zokuzinikela. Bavuma ukulahlekelwa. Bavuma ukuholwa nguMoya oNgcwele. Babengakhathali ukuthi abantu batheni, babeziphethe “isidala,” noma ngabe babethe babeyizi “nhlanya” noma yini ngakho, bavuma ukuholwa nguMoya oNgcwele.

60 Kodwa, namhlanje, o, he, nophawuda wokuziphaqula nebhokisi lokuzipenda, begqoke izikhindi, futhi baphumele emgwaqeni, ngani, kulihlazo! Futhi bazibize ngokuthi, “banoMoya oNgcwele.” O, uthi, “Kodwa ngakhuluma ngezilimi.” Yebo, noDeveli uyakwenza, futhi. “O, ngimemezile.” NoDeveli uyakwenza, futhi. UDeveli angalingisa konke uNkulunkulu anakho, ngaphandle kothando, futhi angeke alingise uthando. Yebo.

61 Khona-ke, into yokuqala uyazi, uma uqale ukwenza lezozinto, uwisa imigoqo, uqala ukuyekelela, khona-ke bese ibandla liqala ukukukuza okwesikhukhukazi sibiza amachwane aso, amaqembu acwasanayo ngaphakathi phakathi kwabo, nalona uthe, "Uyazi, umfundisi uvele *unje-unje*," noma "umdikoni *unje-unje*." Futhi, into yokuqala uyazi, ulalele lokho! Futhi yingalesosizathu ninezinkathazo eziningi kangaka, yingoba uqale ukulalela uDeveli, wase uthola ukuhhahhama esikhundleni sokulalela eJubeni elinokuthula, uMoya oNgcwele, iJuba likaNkulunkulu ebelinokukuhola likuqondise, futhi likuthande likubusise.

62 Kuqala uthola okukodwa kwalokho okuncane kokuveva kokuthukuthela, iJuba lindiza lemuke khona lapho. Kunjalo. Lingeze lakumela. Imvelo yalo yahlukile. O, Lingeze lakumela nhlobo lokho. Futhi uhamba uyo khuluma ngomakhelwane wakho, Lingeze lakumela lokho, Lingeze lakubekezelela. Livele lisuke Lindize lizihambele. Lingeke lisaphinde likumele. IJuba linokuthula. IJuba limnene, neJuba, futhi—futhi akukho okunye elingakumela ngaphandle uma kuyimvelo efanayo.

63 Manje, uNkulunkulu angakwenza ube yimvelo eyahlukileyo, indoda noma owesifazane, Angakunika imvelo eyahlukile. Futhi uthi, "Kuhle, Mfowethu Branham, singenzenjani ngayo na?" Vele ube liwundlu futhi. Yizilwane ezimbili kuphela eziyohlala zibambisene ndawonye, lokho lijuba newundlu. Ijuba akukho okunye eliyoza kukho ngaphandle kwewundlu. Futhi uma uphenduka imbuzi, khona-ke khipha lowomoya wobumbuzi uphume kuwe. Kunjalo. Uma uphenduke waba ngokunye, kukhiphe kuwe, uma uqala ukuba ngu mncethezi.

64 Lapha ngesinye isikhathi, ngashumayela ngamandla onke edolobheni elithize, futhi kwakukhona izinkulungwane zabantu lapho. Ngabiza abafuna ukuza e alatare. Ngacabanga ukuthi ngishaye yonke inhlobo yesono, ngashaya konke engangicabanga ngakho. Ngalobo busuku emva kokuphela kwenkonzo, owesifazane oliqhalaqhala omncane, wasondela, wathi, "Kuhle, Mfowethu Branham, ngijabula ngempela ukuthi awungithintanga kulobubusuku."

Ngacabanga, "Lowo kusho ukuthi ngumKristu ngempela."

Wathi, "Awungithintanga kulobubusuku."

65 Ngathi, "Kuhle, ngiyajabula impela ukuzwa lokho, nenekazi, kusho ukuthi useduze koMbuso kaNkulunkulu." Wathi qhwi wahamba.

66 Enye intombi endala imi lapho. Ngathi, "Awusho, uyamazi lowaya wesifazane na?"

"Yebo."

Ngathi, "Kusho ukuthi ungumKristu ngempela."

67 Wathi, “Into eyodwa ohluleke ukuyishaya kulobubusuku, Mfowethu Branham, lokho bekuwukuhleba. Uyinkosi yenhlebi ezweni.” Nakho la ukhona, nakho-ke, niyabo.

68 Kodwa nxa ufika kwenye yalezozinto, akunandaba ukuthi umshumayeli ukushaya epulpiti noma qha, nxa ubona lezozinto zenyama zezwe, inqobo nje uma ungababekezeleli, uqhelile kuNkulunkulu, noMoya oNgcwele uyoqhela. Yingaleso sizathu imihlangano ingaseyikho lokho eyayivamise ukuba yikho. Yingaleso sizathu umzila wemvithi yesaha ungazalwa namhlanje ekuseni eTabernakele. Yingalesosizathu imihlangano emikhulu yamathende ingekho ezweni lonke, yingoba silidabukise salixosha iJuba likaNkulunkulu elinokuthula. Kunjalo. Angeke ahlale nathi uma nje sisengabanganakiyo, uma nje sisahleba, “Sifuna indlela yethu!”

69 Manje, ngifuna niqaphele, iwundlu laliliwundlu elithule. IBhayibheli lathi, “Akawuvulanga umlomo waKhe. Njengemvu ngaphambi kwabagundi, Wayengakhulumi.” Akawuvulanga umlomo waKhe. Wayengesuye umfokazi ofuna ilungelo lakhe. Qhabo, mnumzane, Wayethanda ukulahlekelwa ngamalungelo aKhe. WayeliWundlu elithule.

70 Kodwa, namhlanje, o, he, siyifuna kanjalo imehluko yethu! O, he! “Ngiyakutshela, awuthi umuntu akasho utho kimi, ngizoya ngale ngimthole, mfana, ngizomhlakaza. Ngizomtshela lowomzenzisi omdala nxa ngimbona! Linda nje ngize ngimbone! Kabusiswe uNkulunkulu, haleluya! Ehhe!” IJuba livele Lindize lisuke lizihambele. Kunjalo. UMoya oNgcwele usuke engasenawe, uma nje uzwa ngaleyondlela. Vele ukuqophe phansi lokho encwadini yakho, Awusoze wakwenza. UMoya oNgcwele ungeke uvele uhlale ngalapho la kunalolohlobo lomoya khona. Kufanele kube ngumoya wewundlu, umoya onokuthula, noma Ungeke nje wahlala nalo, kuyilokho kuphela ngalo; uma lingenakho ukuthula, limnene, liholwe nguMoya oNgcwele. Futhi uma kuqubuka noma yini, Awubheki ngisho ukukubheka, uvele uqhubeke. Niyabo? Futhi ngawo lowomzuzu nje uma liphendukela eceleni, niyazi, lokho yikho impela . . . nxa uphendukela eceleni.

71 Niyazi, isono sokuqala saqala ngomuntu ephendukela eceleni umzuzu nje. Benikwazi lokho na? IBhayibheli lasho njalo. U Eva waphendukela eceleni okomzuzwana nje, ukuzwa ukuthi uSatane wayezothini, futhi wapenda isithombe sasihle kakhulu kuye waze wacabanga ukuthi kwakuliQiniso impela. Futhi wamlalela.

72 Futhi okuyiyonanto kuphela uDeveli afuna uyenze, kungukuba uphendukele eceleni imizuzu embalwa nje. Angasipenda isithombe, athi, “Manje, buka lapha. Uyazi, mfowethu, uyazi, dadewethu, ukuba bebeluhlobo lwabantu abalungile, bebengeke bakwenze *lokhu*. Uma nje *lokhu* bakwenze khona lapha, uyazi.” Angakwenza kube sengathi

kuyikho ngempela kuwe kuze kube liqiniso langempela. Kunjalo! Kodwa khumbulani, nguDeveli!

73 Angikhathali ukuthi basehlazweni elingakanani, ukuthi bashone kangakanani esonweni, kungumsebenzi wakho ukubagaxa ngengalo ubaphakamise ngothando lukaNkulunkulu. Wawukuphi wena ngenkathi uDeveli... uNkulunkulu ekuphakamisa ekukhipha odakeni na? Kungumsebenzi wakho, mngane wami. Lelizwe libulawa ukungabi nembijana yothando. I...

74 Ngifuna niqaphele lesisilwane, futhi, lesisilwanyana, sasiliwundlu elithule ngoba alizange...lapho Ethukwa, Akathukanga futhi. Akazange aphambukele eceleni abuye aqhubeke, aqophisane akhathazeke aqhubeke, Akazange akwenze. Nxa othize...Lapho Ethukwa, Akathukanga futhi. Akawuvulanga umlomo waKhe.

75 Kodwa ake uthi umuntu akenze okuthize kuwe kumbe kimi, o, he, siqhumisa okwexoxo elinemilenze emifishane lidla inhlamvu yokudubula izinyamazane, sikhukhumale njenge—njengehansi elidala. "Ngizokutshela khona manje, anginyathele izinzwani kanjalo futhi, angeke ngiphinde ngibuyele kulelobandla elidala futhi. Qhabo, mnumzane! Akabusiswe uNkulunkulu! Haleluya! AmaNazaretha ayongamukela, iPilgrim Holiness, bayongithatha. Haleluya. Angeke ngisakwenza futhi." Kulungile, iJuba Liyandiza.

76 "Niyazi ukuthini? Uma lowomzenzisi omdala eya kulelobandla, angisophinde ngiye futhi. Akabusiswe uNkulunkulu, angisophinde ngikwenze!" Nxa leyonto ikushaya, lokho kuhhahhama kwempisi endala, iJuba Liyandiza. Kunjalo. Khona-ke uMoya oNgcwele usuhambile.

77 Khona-ke uyamangala ukuthi yin'indaba ngawe. Uyamangala ukuthi yin'indaba ngebandla. Uyamangala ukuthi yin'indaba ngawe. Yini ungabe usaba nokunqoba njengoba wawuvamise ukuba nakho na? Usuguqule imvelo yakho. Usuphenduke imbuzi esikhundleni sokuba liwundlu. Usuphenduke enye into ngaphandle kwewundlu.

78 Ufanele ukuthola lowoMoya omnene wangempela, "Makuthi uMoya oNgcwele ungiholele noma kuphi. Nkulunkulu, ngithanda sonke isoni, akunandaba ukuthi zikuphi." Lolohlobo lwendawo lungena enhliziyweni yomuntu, khona-ke uzobona okuthize kwenzeka, umphefumulo wakho.

79 Uthi, "Kuhle, Mfowethu Branham, ngabe ikhona inxazululo yakho na?" Yebo, yiba nje liwundlu, yilokho kuphela. Uthi, "Kuhle, Mfowethu Branham!"

80 Ngahlangana nentombi esencane ngolunye usuku, ezansi eShreveport. U Billy nami saphuma saya endaweni ukuthola isamishi emva kokuba inkonzo isiphumile. Enhle intokazi esencane yangena lapho. Cishe intombazane esencane,

noma cishe inamashumi amabili kumbe into efana naleyo, igqoke kahle. Yahlala phansi. Ngayiqaphela iyilokhu ibuka ngaphesheya ngapho. Ngangiyilokhu ngiqhubeka ngidla. Emzuzwini embalwa intombi yangena. Yathi, "Usaphila na?" Yakhuluma nayo. Futhi ngiyazi intombi kwakunguDadewethu Davis ezansi lapho. Futhi yena nenye intombi yase Life Tabernacle, Ngangibazi kahle, yeza ngapha yakhuluma nami, yaqhubeka. Kwase kuthi intombi esencane ihlezi ngaphesheya, yathi, "Mfowethu Branham, bekunguMlayezo omnandi lowo namuhla ebusuku."

81 Ngathi, "Usaphila, dade na?" Ngathi, "Ngiyabonga, kakhulu." Futhi ngathi, "Ngabe ulilunga le Life Tabernacle na?"

82 Yathi, "Ngiyilona." Yathi, "Uyazi, Mfowethu Branham, bengizocula ekhwayeni, kodwa bashaya umthetho ovimbelayo ezansi lapho." Yathi, "Ngaba, o, neminyaka eminingi yokuqeqeshwa kwephimbo, nakho konke." Yathi, "Ngicule os'cula ngayedwana, futhi ngicule izinto ezithize." Yathi, "Kodwa, a—angikwazanga ukucula, ngoba bano—banomthetho ovimbela ukuthi 'akukho muntu wesifazane ozipendayo ongacula—acule ekwayeni'."

Ngathi, "Kuhle, akadunyiswe uNkulunkulu nge Life Tabernacle!"

83 Yathi, "Kuhle, ngiyakutshela, Mfowethu Branham," yathi, "NgingumKristu."

84 Ngathi, "Ngakho-ke, dade, hamb'ekhaya ugeze ubuso bakho nganoma yini oyenzayo." Ngathi, "Uchaza ukungitshela ukuthi ungavumela leyontwanyana yokufaka okuncane kwaleyonto endala ebusweni bakho . . . "

85 Futhi ngingakufakazela ukuthi lokho kuvela kuDeveli. Ngingakufakaza kuwe ukuthi akukho lutho e . . . Umsuka wakho kwakungabahedeni. Futhi inqobo nje uma usakufaka, kuluphawu lomhedeni. Manje, ngisanda kubuya e Afrika, futhi bengikade ngisemenweni yamaLawu futhi ngathola ukuthi ngempela akuphi amacici, ukuthi ivelaphi yonke leyonto, nakho konke lokhu, amaningi amagugu asongelwa entanyeni yakho nasezindlebeni nakho konke, lapho lokho kuvela khona. Ngabahedeni. NeBhayibheli alifuni umKristu abe ngumhedeni. Futhi awufuni . . . Angisho ukuthi ungumhedeni ngoba ukwenza, kodwa uzenza ubukekenjengaye. Yingoba umfundisi wakho akakutshelanga iQiniso. IBhayibheli lasho njalo.

86 Futhi manje uthi, "Mfowethu Branham, ngicabanga ukuthi uma nginezinwele ezimfishane, kungenza ngiphole nakho konke kanjalo." Kunjalo, kodwa uma unezinwele ezinde uzophola kakhudlwana. Ziyokususa konke okusentanyeni yakho, ziyimboze ziyenze ibe kahle.

87 Ngani, niyazi ukuthi iBhayibheli lathini na? Ukuthi, indoda inelungelo lokuxosha umkayo ithole isehlukaniso kuye uma enquma izinwele zakhe. Uma enquma izinwele zakhe, kukhombisa ukuthi uhlala ngokungethembeki kuye. IBhayibheli lasho njalo, 1 KwabaseKorinte 12, thola uma Kungenjalo. Yena o . . . Owesifazane onquma izinwele zakhe uhlazisa ikhanda lakhe, eliyindoda yakhe. Futhi uma ehlazisa, umele achithwe kusukwe kuye. Kunjalo. Kodwa, niyabo, umfundisi akalokothi anitshele lezozinto. Futhi yingaleso sizathu nenza ngendlela enenza ngayo. Ne—nendoda, iBhayibheli lathi . . .

88 Lapha maduze nje kwakukhona umuntu owaloba phakathi wathi, "Mfowethu Branham, i—lamablawuzi abanawo abesifazane," wathi, "ngani, kusengathi awusawatholi kwasanhlobo amablawuzi, futhi kungakuhle kithina maKristu esifazane ukugqoka lamadakroni, amanayiloni, noma kubayini okunjalo na?"

89 Ngathi, "Buka, dade, kukhona okukodwa ngakho. Nansi into eyodwa eliqiniso. Ungakwenza lokhu: uma ungenakulithenga elilodwa, bathengisa imishini yokuthunga, ungalenza elilodwa." Ngathi, kunjalo ukukwenza kubukeke sengathi uyazi ukuthi kukhonani enhliziyweni yakho kuziveze." Indlela owenza ngayo nangendlela oziphatha ngayo, lokho kukhombisa okukuwe.

90 Yingalesosizathu ukuthi konke lokhu lapha ukuhhahhama noku qophisana noku hleba, no—nokuphindisa ngokuhleba, nokuziphatha okunjalo ngasebandleni, yilokho okwehlukanisa ibandla. Lokho kukhombisa ukuthi uDeveli ungene kuwe, nalokho kukhombisa ukuthi uMoya oNgcwele ukushiyile. Manje, ngiyazi ukuthi nje lokho kunishisa itiyela kwabanye benu, kodwa kufanele kwenze njalo. Kufanele! Kushiwolo khona lokho; hhayi ukuhlakanipha, hhayi ukuziphatha ngobuqili; kodwa ukukutshela ukuthi inkathazo ikuphi, ngokuba ngolunye usuku ngiyoma ngiphendule ngani. Futhi nokuyisona sizathu sendlela owenza ngayo nendlela oziphatha ngayo, lokho kuyakhombisa ukuthi unjani. Uma uvele unokudala ukuthukuthela okuthi ndiza khona manje, futhi uphume lapha uziphathe nayikanjani, kumbe ugxeke, kumbe yinhlamba nezinto ezinjengalokho, lokho kukhombisa ukuthi kuvelaphi.

91 Manje kukhona into eyodwa okumele yenziwe, yikhiphe leyonto lapho, neJuba liyobuyela enhliziyweni yakho. Ngenkathi ijuba liphuma emkhunjini, lakhishwa. Kodwa labuya langqongqotha emnyango omnyama waze walivulela uNowa. UMoya oNgcwele ulapha. UMoya oNgcwele ufuna ukungena. Yingalesosizathu namhlanje, ukuthi uMoya oNgcwele, Akahambile kuwe ingunaphakade. Lihlezi phandle nje laphaya emagatsheni ezihlahla ndawo-ndawo, lilungele ukuZindizela libuye nokuza lingene kuwe, futhi likunike uthando nokuthula nokujabula njengoba wawuvamise ukuba nakho. Impela,

Linjalo. Ulungele ukukwenza. Ufuna ukukwenza. Ulangazelela ukukwenza. Kodwa ungeke uMvumele akwenze!

92 Manje, angikhulumi kinina zihambi. Angazi ukuthi umfundisi wenu . . . Ngikhuluma kwi Tabernakele lika Branham. Angikhulumi kinina bantu bamanye amabandla. Ngikhuluma kwi Tabernakele lika Branham. Yileyondaba khona khona lapha.

93 Yilokho okwenza iJuba Lindize. Vumela nje othize aqale nje into encane khona ebandleni, nento yokuqala, "O, ngabe kunjalo na? O, kwenzeka na? Awusho njalo na?" Khona lapho uMoya oNgcwele uyahamba, asuke andize. Angeze nje ayimela leyonhlobo yomoya. Inqobo nje uma leyomvelo yewundlu ikushiya, khona-ke uMoya oNgcwele usuhambile. Kunjalo. Futhi kuyileyondaba nanamhlanje. Yilesosizathu abantu bekulesisimo abakuso, yingoba bavumele umoya ongesiwo ungene enhliziyweni yabo, empilweni yabo. Manje yingalesosizathu sine . . .

94 IBhayibheli lathi kungalesosizathu kukhona abaningi abagulayo nabahluphekile phakathi kwethu, kungenxa yalezizinto. Sifanele sibe mnene. Sifanele sibe nokuthula. Sifanele sibe liwundlu, ukuze iJuba lihlale nathi.

95 Manje, khumbulani, iJuba liyofika. Uthe, "O, Mfowethu Branham, ungangitsheli ukuthi angikaze ngimamukele uMoya oNgcwele. Haleluya! Ezansi, ebusuku lapho ngobunye ubusuku, o, lapho Engena, ngangingahamba . . ." Impela, ngani kwakunguYe! "O, ngezwa kubamnandi, ngezwa sengathi ngingafinyelela kuzozonke izinyoni ezincane esihlahleni ngiyigone ngiyithande. Umuntu wami omubi kunabo bonke owake wenza okuthize kimina, ngezwa sengathi ngingabagaxa ngibagone. O, Mfowethu Branham, indlela engezwa ngayo!" Impela, lowo kwakunguMoya oNgcwele.

96 Kodwa, niyabo, isizathu sokuba Angahlali. Wawuseliwundlu ngaleyonkathi; kepha lapho uphenduka impisi, Wafanele Andize. Akukho okuliphutha nge—nge—ngeJuba; nguwe, futhi nxa uvumela lowomoya uze kuwe. "Ngabe ngiwuvumele, Mfowethu Branham na?" Yebo, nxa uhambe wayolalela kulokho kuhleba, uma ulalele kulawo manga, nxa uhambe wayothi, "Kuhle, nginelungelo lokukwenza!"

97 Awunamalungelo! Uthengwe ngenani, lelo kwakulinani leGazi elihle leNdodana kaNkulunkulu. Awunamalungelo angokomthetho. Haleluya! Amalungelo onawo kuphela, ukuthi, woza emThonjeni ogcwaliswe ngeGazi elimuncwe emThanjeni ka Imanuweli, lapho izoni zibhukuda emfuleni zisuse lonke ibala lamacala azo. Yebo, mnumzane. Lokho yiwona malungelo kuphela onawo, ngukuzinikela ngentando yakho, kuNkulunkulu, bese-ke uNkulunkulu enza ukuhola kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke. Yilokho okwenza umhlangano . . .

Yilokho okwenza izinto eziningi ezixakile. UMoya oNgcwele uyoya endaweni, uMoya oNgcwele wathi, “Lokhu akulungile. Misa umhlangano, qhubekela ngaleya.” Ngiyowumisa, futhi, mfowethu, ngiqhubekele khona. Kunjalo, ngoba ufanele ukuholwa nguMoya kaNkulunkulu. Futhi nokuyiyonandlela kuphela yokuholwa nguMoya kaNkulunkulu, kungukuzigcina unokuthula, kungabi sikho ukwazi okuningi.

98 O, uyacabanga, “Ngazi okuningi.” Yebo, usebenzisa bonke ubuchopho bakho futhi bungeke ngisho ngokwabo busebenze. Wazi zonke izincwadi nazo zonke izimpendulo, naso sonke isiGreki naso sonke isiHeberu, futhi awunandawo yeJuba ukuba liqhwakele. Kunjalo. Kodwa ukwazi konke, khona-ke iJuba lingeke lahola, ngoba wazi kakhulu.

99 Iwundlu alizisho ukuba lazi utho. Lifanele libe nomunye ozolihola. Udumo! Kuyilokho. Alazi lutho! Ameni. Into kuphela engiyaziyo, ingukuthi, uKristu Jesu wafa ukuba angisindise.

100 Ezansi ukudabula e Carlifonia kwakukhona insizwa eyayiza, yayinophawu ngaphambili kuyo, olwaluthi, “Ngiyisiwula sikaKristu,” futhi emhlane kwakuthi, “Wena uyisiwula sikabani na?” Kunjalo. Yiba yisiwula, kulo izwe, ukuze uholwe nguMoya oNgcwele, ngoba amadodana namadodakazi kaNkulunkulu aholwa nguMoya oNgcwele. AmaRoma 8:1, athi, “Kanjalo akusekho ukulahlwa kwabakuKristu Jesu, bengahambi ngokwenyama, kodwa ngoMoya,” Abangahambi ngokwempisi, kodwa iJuba. Ameni.

101 U Doc uvamise ukucula iculo, “Gcwalisa indlela yami nsuku zonke ngothando, lapho ngisahamba neJuba laseZulwini; mangihambe njalo neculo nokumamatheka, gcwalisa indlela yami nsuku zonke ngothando.” Kuyoba lusuku olunokuthula okumangalisayo kwiTabernakele likaBranham, noma yiliphi elinye ibandla noma yimuphi umuntu ngayedwana, lapho beyolahlekelwa ngamalungelo abo, ukuba babeliwundlu.

“Yini umbuzo, Mfowethu Branham na?”

102 Buyela ewundlwini, buya ube nokuthula, buya ube ongazi lutho, buya ukuba uzozinikela nje kuKristu. Ungazami, ungazami ukwazi okungelutho. Vele uhambe ngobumnene, ngokuthula, ngokuzithoba, ngokuba nokuthula, neJuba liyokuhola. Kodwa noma ngabe ubona. . . uhambe ulalele leyonhlebo, uma uhamba uyovusa lokho kuthukuthela, uma uhamba ucabange ukuthi unelungelo lokwenza *lokhu* nokwenza *lokho*, iJuba livele Lindize bese liyazihambela. Bese-ke ungabe usaba naLo. Manje, alikude kakhulu kuwe namhlanje ekuseni, bandla. Lihlezi nje phandle laphaya egatsheni lokuthula, lilindele imvelo yakho ukuba iguqulwe. Ameni.

103 Enikudingayo namhlanje kungukunikela ngawo onke amalungelo enu, kungukuvumela uNkulunkulu akulalise phansi akugunde onke amalungelo akho awasuse kuwe. Ameni.

Ungathini nje iwundlu elincane elidala, bonke—bonke uboya bulenga kulo na? Amalungelo alo lawo, yebo. [UMfowethu Branham ulingisa ukuhefuzela kwewundlu—Umhl.], kushiswe, bese-ke belibeka etafuleni lokugundela. Bayakwazi okungcono kakhulu kulo. Bathathe onke amalungelo alo balephuce baligunde konke, ligijima seliphole selilula kamnandi. He, he, liyajabula, ligxume ngapha nangapha futhi linesikhathi esikhulu. Yebo, mnumzane. Uma uzolahla amalungelo akho, yilokho okutholayo. Kodwa ufanele uwalahle amalungelo akho futhi uvumele iZwi likaNkulunkulu likugunde lisuse lonke izwe kuwe, lisuse zonke izinjwayelo zezwe, bese uba yisidalwa esisha kuKristu.

104 Lapha ngesinye isikhathi esadlulayo, le e Afrika, ngangikhuluma no—nongcwele omdala. Wathi, "Mfowethu Branham, ngiyazi uyakholelwa entweni engesiyo eyalomhlaba."

Ngathi, "Impela, mfowethu."

105 Wathi, "Eminyakeni eyadlulayo ngangivame ukucabanga ukuthi ngingumuntu othize." Wathi, "Ngangicabanga ukuthi ngangingumKristu wangempela." Futhi wathi, "Kwase kuthi-ke enhla ebandleni lethu. . .Ngagibela egqumeni, lapho engamisa khona imoto yami encane." Futhi wathi, "Ngagibela egqumeni cishe, o, amathathu noma amane amakhulu amayadi, futhi ngizungeleza izihlahla nezinto, ngenyuka." Futhi wathi, "Sasizoba nomhlangano wokukhuleka phezulu lapho." Wayesethi, "Ngangicabanga ukuthi ngangingumKristu wangempela." Wathi, "Ngangilazi lonke iBhayibheli. Ngawafundisisa onke amaHeberu. Ngafundisisa konke ukuphumiselwa kahle kwezwi." Wayesethi, "Noma ngubani wenyukela kimi, ngimtshele" [uMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe—Umhl.] "ngikhuluma nabo kanjalo ngeBhayibheli. Ngangikwazi engangikhuluma ngakho." Wathi, "Ngobunye ubusuku ngangenyukela ebandleni. Kwakukade kukhona okuningi ukuphambana ebandleni lethu." Wathi, "Kwakukhona amaqenjana ayephikisana. Uyazi ukuthi avuka kanjani."

Ngathi, "Yebo, mnumzane."

106 Wathi, "Endleleni yami ngibheke phezulu egqumeni, ngangihamba phansi, khona manjalo ngizwa sengathi kukhona owayengilandela." Futhi wathi, "Ngacabanga ukuthi ngiyolinda nje isikhashanyana noma ngabe kwakungubani, ukuba afike, bese ngikhuluma nabo isikhashana sisenyuka ngomgwaqo." Uyazi, lokho kuyinto enhle, ulinde nje okwesikhashana. Futhi wathi, "Ngisahamba ngenyuka igquma," wathi, "Ngiyenyuka. INdoda yenyuka igquma," futhi wathi, "Yayinomfuqulu emhlane waYo owawumkhudlwana impela kuneNdoda." Futhi wathi, "Yayihefuzela futhi iphephuka, ihamba amanyathelo amafishane nje, izama ukusukuma. Ngase ngithi, 'Mngane, ngingaKusiza ngithwale lomthwalo ngenyukele egqumeni na?'

Yathi, 'Qhabo, Ngizowuthwala.'" Wathi, "Ngabuka isandla saYo," wathi, "Ngase ngazi-ke lapho ukuthi kwakungumbono. Yayinezibazi ezandleni zaYo." Wathi, "Ngawela phansi, ngase ngithi, 'Nkosi, ngabe Uthwele izono zezwe kulelosaka na?' Yathi, 'Qha, ngithwele ezakho nje. Ukuze ngikufikise phezulu egqumeni, ukuba nje uze ukwazi ukufinyelela phezulu.'"

107 Kungaleyondlela-ke. Uma nje besingaqalaza, besizobona ukuthi Uthwele ezethu. Ngabe akukwenzi uzizwe umncane na? Eyethu embi, inhliziyo enesihluku, ngoba nje singakwenza!

108 Lapha ngesinye isikhathi esadlula ngangizingela. Njengoba nazi, ngiyakuthanda ukuzingela. Futhi kwakukhona insizwa embi kulelozwe, wayengumfokazi omubi. Futhi wayevamise ukuhlekisa ngami ngoba ngangingazidubuli izinyamazane eziyizinsikazi namazinyane ezinyamazane. Ngathi, "Kuwulunya." Ngathi, "Yini ungabi qotho, umzingeli ohlanzekile futhi udubule izinyamazane ezindala nezinto esezindala esezilungele ukufa, uNkulunkulu wasinika zona, futhi siyeke omama abasebancane nezinto."

109 Wathi, "A, unenhliziyo yenkukhu, mshumayeli!" Eqhubeka engitshela kanjalo.

110 Ngathi, "Manje, buka, ukuba bengilambile futhi ngifuna elilodwa lalawo-mazinyane ezinyamazane, ngikholwa ukuthi uNkulunkulu ubeyongivumela ngilithole. Kodwa ukuvele nje ngidubule ukukhombisa ubuhlakani," yebo, wayegcwalisa inqola ihlihlime. Futhi wahamba wazibiza, kube sakhwela, futhi abese ebetha lelokhwela futhi alingise kube sengathi yikho ngempela ukukhala kwalelozinyanyana. Ngolunye usuku sasisehlanzeni ndawonye. Ngamjabhisa, ngathi, "Ngingaba namahloni ngami." Abulale isishiyagalombili kumbe ishumi lamazinyane ngasikhathi sinye, uma enokwenza, amasikazi nakho konke, ukuba akhombise ukuhlakanipha nje, mhlawumbe asike kwesingemuva abese eshiya yonke ingxenye idicileke khona lapho. Ngathi, "Awufanele ukwenza lokho."

"A," wathi, "nina bashumayeli ninezinhliziyo zezinkukhu kakhulu!"

111 Ngolunye usuku wema ngemuva ehlanzeni, wayethathe lempempe waseyamemeza, futhi kwabanga umsindo okwezinyane lenyamazane elincane likhala. Kwathi nje angakwenza lokho, enhle insikazi yenyamazane yaphakamisa ikhanda layo, iphuma idlebeleka. Wawuwabona amehlo ayo amakhulu ansundu ibuka. Yayethukile. Yayiqalaza. Umzingeli wakhokhoba, wadonsa isibhamu sakhe ukudubula insikazi yenyamazane. Nenyamazane yensikazi yambona umzingeli. Kodwa, niyazi ukuthini, lokho kukhala kwalelozinyane lenyamazane, ayisinakanga lesosibhamu. Yayicinga leyongane, yayisenkathazweni. Niyazi, lokho kuvela obala kobumama bangempela nothando lukamama, ukuthi ingabhekana

nalesosibhamu ebusweni, nokufa, ibuka kukho embhobheni walesosibhamu. Niyazi ukuthini, lokho kuvela obala kwaba kukhulu kakhulu, yafika eduze kwakhe, waphonsa phansi isibhamu sakhe! Wagijimela emuva wangibamba ngqi ngasengalweni, wathi, "Billy, ngithandazele, senganele yilokhu!" Lapho ebona lokho kuvela obala kobuqhawe bukamama!

112 O, nxa izwe libona ukuvela obala kothando lukaNkulunkulu, nesibindi enhliziyweni yethu yenyama, kuyoba ngumahluko omkhulu. Nxa sivumela iJuba likaNkulunkulu lize enhliziyweni yethu lisithulise, lisenze sibemnene.

113 Lapho kuleso sikhoselo sehlozi emuva lapho, mina ngimi lapho ngikhulekela lowomfana omdala, ngamholela eNkosini uJesu. Kusukela lapho, waba ngolungileyo, umzingeli ohlanzekile.

114 Impela, wayecabanga ukuthi wayenelungelo, uyokwenza athanda ukukwenza. "Nazo zisendaweni yami, zidla uluseni wami ezansi laphaya uma zifuna."

115 Ngathi, "Kunjalo, kodwa kuwulunya ukwenza lokho." Ufanele ukulahla amalungelo akho. O Nkulunkulu, yiba nomusa, ukuthi sivume.

116 Lapha esikhathini esithile esedlula, phakathi, o, cishe ekhulwini leminyaka eyadlulayo, kwakukhona umKristu omkhulu owayehlala eningizimu-ntshonalanga eZweni laseMelika. Igama lakhe kwakungu Daniel Curry, indoda emangalisayo, indoda emesabayo uNkulunkulu, indoda engcwele, umKristu uqobo, indoda eyayaziswa ngumuntu wonke, ingumuntu ozilungele nje. Futhi indaba ihamba kanje, ukuthi wafa kumbe wehlelwa yisiyezi, futhi wathi . . . esanyukela eZulwini, impela, ngenkathi efa. Futhi lapho esefika esangweni leparele, umlindi weza emnyango, wathi, "Ungubani na?"

117 Wathi, "Ngingumvangeli, uDaniel Curry, ngimzuzele izinkulungwane zemiphefumulo uKristu. Futhi ngi . . . Ngifuna ukungena namhlanje ekuseni. Uhambo lwempilo yami seluphelile emhlabeni, angisenandawo engingaya kuyo manje."

118 Yileyondlela okuza ngayo kuwe ngokunye ukusa, soni. Yileyondlela okuza ngayo kuwe, mhlubuki. Yileyondlela okuza ngayo kuwena odabukise uMoya oNgcwele bamxosha kubo, ongasenakho ukuthula nomusa. Awukaze ukhale iminyaka. Awukajabhi, ngokuba angazi ukuthi kunini, nakho konke ukuhlonipha kuhambile kuwe. Impela. Kodwa kuzofika emnyango wakho ngolunye lwalokhu ukusa. Futhi nje uMoya oNgcwele onokuthula ufika ungqongqotha, yini ungavele uMngenise na?

119 Ngakho lapho uDaniel Curry efika lapho e—e—esangweni, bahamba bangena, bathi, "Sizobona uma unegama lakho lapha."

Bacinga ndawo zonke, abatholanga-gama. Bathi, "Qhabo, akukho Daniel Curry lapha."

120 "O," wathi, "impela!" Wathi, "Ngingumvangeli." Wathi, "Ngimzuzele imiphefumulo uKristu." Wathi, "Ngizame ukwenza into elungileyo."

121 Umlindi wathi, "Mnumzane, ngiyadabuka ukukutshela, kodwa akukho Daniel Curry lapha." Wathi, "Ngizokutshela ukuthi ungenzenjani." Wathi, "Asinamalungelo lapha okuthatha icala lakho." Wathi, "Kodwa uyathanda ukuledlulisa icala lakho na? Ungaledlulisela esiHlalweni esimHlophe sokwaHlulela, uma uthanda." Kodwa wathi, "Asinakho ukukuhawukela lapha, nhlobo, ngoba awukho lapha kithina. Akukho ukuhawukelwa kwakho." Wathi, "Uyafuna ukwedlulisa icala lakho na?"

Wathi, "Mnumzane, yini okunye engingakwenza ngaphandle kokuba ngiledlulise icala lami na?"

122 Wathi, "Kuhle, ngakho, ungaya esiHlalweni esimHlophe sokwaHlulela bese uzikhalela ngecala lakho lapho."

123 U Daniel Curry wathi wazizwa ehamba edabula emkhathini cishe ihora. Wathi wafika endaweni, kwaya kukhanya, kwakhanya, kwakhanya, kwakhanya. Wathi, ngokuqhubeka ehamba, kwakukhanya kakhulu. Kwakuphindwe ngamakhulu, izinkulungwane eziphindaphindiwe zokukhanya kakhulu ukwedlula ilanga selokhu laqala ukukhanya. Futhi uthi wayeqhaqhazela, eqhaqhazela. Futhi wathi, ngenkathi engena kulokho kuKhanya, wezwa iPhimbo lithi, "Ngabe wawuphelele emhlabeni na?" Lavele laphuma e—ekuKhanyeni.

Wathi, "Qhabo, ngangingaphelele," waqhaqhazela.

Lathi, "Ngabe wawuhlala njalo wenza ukwethembeka kumuntu wonke na?"

124 Wathi, "Qhabo." (Wathi, "Izinto ezimbalwa zafika emqondweni wami ngempela engangingethembekile ngazo.") Wathi, "Qhabo, ngi—ngi—ngiqagela ukuthi ngangingethembekile."

Lathi, "Ngabe wawukhuluma iqiniso ezintweni zonke, empilweni yakho na?"

125 Wathi, "Qhabo. Ngiyakhumbula ezinye izinto engazikhulumayo, ezazingeyona inkohliso . . . ezaziyinkohliso. A—a—a—angikaze ngibe neqiniso kahle hle."

126 Lathi, "Khona-ke, sewake wayithatha into eyayingesiyona eyakho, noma yini, imali, noma yini okunye okwakungesikhona okwakho na?"

127 Wathi wacabanga emhlabeni ukuthi wayelunge kahle, kodwa walahlwa. Wathi, "Qhabo. Qhabo, ngazithatha izinto ezazingesizo ezami."

Wathi, "Ngakho wawungaphelele."

Wathi, “Qhabo, ngangingaphelele.”

128 Wathi wayebheke noma yimuphi umzuzu wokuqhuma ukuba kuvele kulokho kuKhanya okukhulu lapho la iJuba laliphumule khona, “ulahliwe!” Wathi, khona manjalo wezwa iPhimbo emva kwakhe, elaliphole ukwedlula noma yiliphi iphimbo likamama asake alizwa. Wathi waphenduka ukuba abuke. Nobuso obumnene ukwedlula bonke asake abubona, bumnene kunobuso banoma yimuphi umama, babumi phambi kwakhe. Khona wathi Yena wathi, “Baba, uDaniel Curry waNgimela phansi emhlabeni. Liqiniso, wayengaphelele, kodwa waNgimela. WaNgimela emhlabeni, manje Ngizommela eZulwini. Thatha sonke isono sakhe usifake e akhawuntini yaMi.”

129 Ubani oyokumela ngalolosuku, mfowethu, uma uMdabukisa umsuse kuwe namhlanje na? Angisaqhubeki ukushumayela. Asikhothamise amakhanda ethu.

130 Nkulunkulu oThandekayo, Wundlu elifayo elithandekayo, elimnene, elithobile, elincane. Izinyoni zazinezidleke nezimpungushe zazinomgodi, kodwa Wawungena-ndawo, futhi, nokho, wawuyiyo iNkosi yeNkazimulo! Lapho Uzalwa, abazange babenezingubo zokuKugqokisa. O Nkulunkulu, buhle buni-ke izingubo zami ezingenzela bona na? Buhle buni izimoto zami ezingenzela bona na? Buhle buni ikhaya elihle elingenzela bona na? Buhle buni elizobenza ngalolosuku na? Wawungenamngane; akukho noyedwa owayeba ngumngane waKho. Akukho noyedwa owayebonakala efuna ukuKunika isandla sokusiza. Wathi ngalolosuku Uyothi, “Ngangilambile, aniNgiphanga ukudla. Ngangihamba-ze, anangaNgembathisa.” Kuyosisiza ngani konke esinakho ngalolo suku, Nkosi na? MasiKumele, o uma lelohora lifika bese sihamba singene kulobobukhona Mninimandla onke, Wena osezindaweni zonke, Mn-. . . O Nkulunkulu, uma sizwa leloJuba, namaphiko aLo lizihlalele emuva laphaya kulokho kuKhanya okukhulu, Liyokhanyisa lidabule yonke iNgunaphakade. Lapho, Uhlala ekuKhanyeni!

131 “Lapho ngiyoma lapho ngokwami, umfowethu engasekho, umfundisi wami engasekho, umama wami engasekho, ubaba wami esehambile, umkami esehambile, abantwana bami sebehambile. O Nkulunkulu, ngizokwenzenjani-ke lapho, Nkosi na? Ngizokwenzenjani-ke lapho na? Futhi lokho kungaba ngaphambi kokuba ilanga lishone kulobubusuku. Kodwa ngizokwenzenjani na? Ngingenzenjani na? O Kristu, ngizoKumela manje! Ngizozikhethela namhlanje. Ngizolahla konke ukukhuluma ngabanye abantu. Ngizolahla konke ukuthukuthela kwami. Ngizolahla konke ukuxabana kwami. Ngizolahla konke. Gunda mina wonke, Nkosi, thatha konke enginakho. Vele uthathe mina, Nkosi. Ngi—ngi—ngifuna ukuma endaweni yaKho. Ngifuna ukugundwa. Ngifuna bonke ubugovu, konke ukuziqhenya, konke ukunganaki, kuvele

kuthathwe kususwe konke kimi. Bese-ke ngifuna ukumela Wena, njengewundlu eligundiweyo, ngivume ukuyeka zonke izinjabulo abazibiza ngezinjabulo zokuphila, yonke imidanso, onke amadili, zonke izingubo ezingahloniphekile, ukupenda-ubuso, ukupenda umlomo, ukupenda izinzipho, konke lokhu ukunganaki okubukeka njengezwe. Wathi, 'Ningalingisi ngisho izwe. Ningazihlanganisi ngisho nanezwe. Phumani phakathi kwabo!' O Nkulunkulu! Ngisize, Nkosi. Ngigunde namhlanje. Ngithathe njengewundlu futhi ungenze ngibe yisimungulu, ngingawuvuli umlomo wami, ngingasho lutho ngawo, ngime nje ngigundwe."

132 O Nkulunkulu, umehluko okuwenzayo! Ngiyakhumbula lapho Ungigunda kanye, wathatha umkami, ingane yami, nobaba wami, nomfowethu, ungigunda ngihlanzeke. Nokho, enhliziyweni yami, ngangazi ukuthi ngangiKuthanda. Ukuthi Ungibusisile, nokuthi Ubumuhle kanjani! Konke engiyikho, konke ebengingaba yikho, konke engiyoke ngibe yikho; nguWe, Nkulunkulu, nguWe. Ngiyawavuma amaphutha ami, ngivuma konke lokho engake ngakwenza noma ngakucabanga. Ngigunde ususe konke, Nkosi, ngifuna ukuba liwundlu laKho.

133 Kungabi yilokho kuphela, Nkosi, kodwa thatha wonke umuntu ophakathi lapha namhlanje ekuseni, yonke imvu, nalabo abazofuna ukuba yizimvu, bagunde bonke kungasali lutho, namuhla ekuseni, Nkosi. Bafake izinyawo zabo ezincane ngasezingongolweni zeVangeli. Sengathi uMoya oNgcwele ungabaholela ekuphendukeni njengemanje, bazi ukuthi bebengamnaki uNkulunkulu. Futhi sengathi Angagunda konke ukunganaki kuphele, lonke izwe nazo zonke izinto zezwe. Kugunde konke kusuke namuhla ekuseni, Nkosi, ukuze sime sipholile sithulile phambi kwaKho, njengamaKristu azelwe-ngokusha. Kwenze, Nkosi.

134 NgiyaKuthanda. Ngifuna ukuhamba, akunandaba noma isimo sezulu siyashisa, noma ngizwa ngithanda noma qha. Ngifuna ukuhamba. Ngifuna ukuKumela, ngoba ngifuna Unginxusele ecaleni lami ngalolosuku, uthi, "Kuhle, waNgimela, manje Ngizommela." O Nkulunkulu, kwenze namhlanje.

135 Futhi onke amakhanda esakhotheme, nazozonke izinhliziyo zikhotheme. Angazi namuhla ekuseni uma engabakhona lapha oqondayo ukuthi uzame ukuba nendlela yakho, wenze lezizinto obungafanele uzenze, futhi vele uyezwa namhlanje ekuseni ungathanda iNkosi ukuba ivele ikugunde konke, bese uthi, "Ngenze ngibe liwundlu uqobo," ungasiphakamisa isandla sakho. UNkulunkulu akubusise, ntombi. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Omunye othi, "Ngigunde, Nkosi, ngimile. Ngiyimvu. Angeke ngisawuvula ngisho umlomo wami. Ngifuna Wena nje unqume lonke izwe lisuke kimi." UNkulunkulu akubusise, mfowethu.

UNkulunkulu akubusise, ntombi. UNkulunkulu akubusise, mfanyana. UNkulunkulu akubusise, ntombi. NoNkulunkulu akubusise, dade. "Ngigunde, Nkosi." Dadewethu Gertie . . . [Umdlali wopiyano—Umhl.] NoNkulunkulu akubusise, ntombi. Futhi uNkulunkulu akubusise, dade. "Ngigunde manje, Nkosi. Ngi—ngifuna zonke izinto zezwe . . . Ngifuna ukuKumela namhlanje ekuseni. Ngifuna ukuma njengemvu esandakugundwa. Ngifuna zonke izinto zezwe zinqunywe zisuke kimi. Ngifuna ukuba ngowaKho naWe ube ngowami. Uzongamukela, Nkosi, njengoba ngiphakamisela isandla sami kuWena na?" UNkulunkulu akubusise, ntombi. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, mnumzame. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, ntombi. UNkulunkulu akubusise, ntombi, ngiyasibona esakho. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise, ntombi encane emuva lapho. UNkulunkulu akubusise wena emuva lapho, mama. UNkulunkulu akubusise, dade. Kulungile, thembeka nje. "Ngifuna uNkulunkulu ukuba asuse konke kimi okungafani nje naYe, konke ukwenza kobugovu enginakho, nayikuphi ukunganaki enginakho. Ngifuna Angigunde yonke indlela namhlanje ekuseni. Ngifuna ukuba njengaYe. Angikhathali noma ngamalungelo noma akusiwo; anginalo ilungelo. Nginelungelo elilodwa kuphela, lokho ukuba, ngize kuYe. Athathe konke."

136 Ngabe sikhona isoni lapha esingakaze nakanye sivume uKristu, esingakaze sisindiswe, futhi ufuna ukukhunjulwa kulomthandazo namhlanje ekuseni, ungesiphakamise isandla sakho, mngane oyisoni na? UNkulunkulu akubusise. Omunye phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngikhumbule, Mfowethu Branham. Angisuye umKristu, futhi angazi nje ukuthi yisiphi isikhathi engizohlangana ngaso noNkulunkulu. Futhi ngi—ngifuna ukukhunjulwa khona manje ezwini lomkhuleko, njengoba uvala." Kuhle, ungangiphakamisela isandla sakho ukuba ngikukhulekele na? Uyabona. UNkulunkulu akubusise, ntombi encane. UNkulunkulu akubusise, ntombi. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Omunye futhi, "Ngifuna ukuba njalo, ngifuna i . . ."

137 Bangaki lapha abakade sebehlubukile na? "O," uthi, "Ngeke ngakuvuma lokho, Mfowethu Branham." Kodwa, buka, uma leloJuba lobumnene lisukile kuwe, mfowethu, kukhona okuliphutha. Kukhona okuliphutha uma ningasenakubekezelelana. Nxa ungakwazi ukuthethelela wonke umuntu ngokusuka ekujuleni kwenhliziyo yakho, akunandaba ukuthi benzeni kumbe batheni, uma ungakwazi ukubathethelela ngokusuka ekujuleni, uJesu wathi, "Uma ningathetheleli umuntu wonke iziphambeko zakhe, ngenhliziyo yenu, noYihlo waseZulwini akayikunithethelela."

138 Futhi uma-ke, lesisimo sezulu esishisayo, uma-ke namhlanje uNkulunkulu engakubiza na? Lapho kusekhona umThombo ovulekileyo, ibandla lizilungiselele, uMoya oNgcwele ehlezi lapha ekupheleni kwegebula yalendlu, ulungele ukwehlela ngqo bese ubuyela enhliziyweni yakho ukwenze ube mnene nokuthula. "Ngenzenjani, Mfowethu Branham na?" Yiba yiwundlu nje. UMoya oNgcwele uzokwehla ngqo uma uba liwundlu. Kodwa uma unezimbangela ezimbi, omubi—omubi umqondo, ufuna ukuba nendlela yakho, futhi ungathandi ukuyilahla, khona-ke uMoya oNgcwele soze wafika.

139 Manje ngamakhanda ethu sikhotheme, angazi uma kinina eniphakamise isandla senu. . .Manje, uJesu wathi, "Ozwa amaZwi aMi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade, akasayikuya ekwahlulelweni kepha usephumile ekufeni wangena ekuPhileni," U Johane oNgc. 5:24. Kepha manje uma ungathanda ukuza e altare, uguqe phansi lapha, asikhuleke ndawonye kuze kuthi lokho kuthula, ukuzwa ukuba nokuthula owake wabanakho, kumbe ongathanda ukubanakho, kuza kuwe futhi. Sisagcine amakhanda ethu ekhotheme, sisacula, "Kukhona umThombo ogcwaliswe yiGazi," Ngifuna nize, niguqe phansi nikhuleke. Wonke manje ofuna ukuza, aguqe phansi lapha esithiyweni se altare bese nikhuleka isikhashana.

> Kukhona umThombo ogcwaliswe yiGazi,
> Elimuncwe emThanjeni ka Imanuweli,
> Nezoni zibhukuda ngaphansi. . .
> (UNkulunkulu akubusise, ntombi, yenyuka nje uguqe phansi)
> Lisuse. . .

140 Nikhothamise amakhanda enu, njengoba ngethemba ukuthi ninakho enhliziyweni yenu. Uyazi ukuthi ngubani odilika esikhaleni sezihlalo namhlanje ekuseni, ofanele ukukuthela ngamahloni? Ikhaladi lowesifazane, umuntu omdala bandla, evuvuke amaqakala, izinwele ezimpunga, evula indlela yakhe eya ezansi e altare.

141 Lapha kudala, indoda endala yekhaladi yasindiswa, ezikhathini zokugqilazwa. Yahamba, futhi nje isisindisiwe, yatshela ubasi wayo ukuthi yayisikhululekile. Wathi, "Unjani?"

Yathi, "Ngikhululekile." Khona-ke wamenza okhululekileyo.

142 Nakhu kuza esinye isixuku sabantu bezela insindiso namhlanje ekuseni. (Wathi wakhululeka.) Wonke umuntu emkhulekweni, futhi ukhuleka kakhulu uma uthanda, ngenkathi uMoya oNgcwele esebenzana nabantu benza izinqumo.

Wathi, "Mose, uthi wena ukhululiwe na?"

Wathi, "Yebo, mnumzane, basi. Ngikhululiwe."

143 Wathi, "Uma ukhululekile, khona-ke ngizokukhulula, futhi. Hamba ushumayele iVangeli."

144 Lapho eselungele ukufa, abaningi babazalwane bakhe abamhlophe bangena bezombona, futhi lapho sebembona, wathi, wacabanga ukuthi wayethathe isihlwathi. Lapho esevuka, wathi, "Ngacabanga ukuthi ngase ngihambile." (UNkulunkulu akubusise, mfowethu, guqa phansi nje.) Wathi, "Ngacabanga ukuthi ngase ngivele sengihambile."

Wathi, "Uboneni, Mose na?"

145 Wathi, "Ngenkathi ngihamba ngingena esangweni, ngaMbona." Wathi, "Ngangimile, ngiMbuka." Futhi wathi, "Kwakukhona iNgelosi yenyuka yathi, 'Woza, Mose. Ushumayele iVangeli iminyaka eminingi, unengubo nomqhele kukulindele.' Wathi, "'Ungakhulumi kimi ngengubo nomqhele. Angifune ngubo namqhele. Ngifuna ukuMbuka nje.'" Ngacabanga ukuthi leso yisimo sanoma yimuphi umKristu.

146 Lapha esikhathini esadlulayo, enhla le ngaphandle kwase Chicago, ngangisendlini yemidlalo, ngiqonde, indlu yokugcina izinto zokubukwa ezinhlobonhlobo, futhi ngangibuka ngokujikeleza yonke indawo phakathi lapho. Ngibone umNigilose omdala, indingilizi encane emhlophe yezinwele zizungeze ikhanda lakhe, ehamba hamba lapho, isigqoko sakhe sisesandleni sakhe. Ngambuka. Wabuka ngale endaweni encane, wayesegxumela emuva, nezinyembezi zaqala ukwehlela esihlathini sakhe esidala esimnyama. Waqala ukukhuleka. Ngathi ukumqaphelisisa okwesikhashana. Waphinda walunguza futhi, waqala wakhala futhi. Ngaya ngale ngase ngithi, "Mnumzane."

Wathi, "Yebo, mngane omhlophe?"

Ngathi, "Ngikubona u . . . Yini ekuthinta inhliziyo kangaka na? Ubuthintwa yini kangaka na?"

147 Wathi, "Mnumzane, uma ungaphatha uhlangothi lwami, nginamaqhubu azungeze uhlangothi lwami." Wathi, "Ngake ngaba yisigqila." Wathi, "Kulengilazana yokuvalela lapha, yingubo leyo ebekwe lapho."

Ngathi, "Ngiyabona ukuthi yingubo, kepha pho yini eyisimanga ngalokho na?"

148 Wathi, "Lelobala elilapho," wathi, "lelo yigazi lika Abraham Lincoln." Wathi, "Lelogazi lasusa ibhande lobugqila kimi." Wathi, "Manje, ndoda emhlophe, bekungeke kwakuthinta wena, futhi na?"

149 Ngamgaxa ngengalo yami entanyeni yakhe endala, ngathi, "UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Ngazi elinye iGazi elingivusa inhliziyo."

Wathi, "Ngiyalazi leloGazi, futhi, mnumzane."

150 Ngathi, "Wasusa ibhande lobugqila kimi." Ngesinye isikhathi ngangiphuma ngeSonto ngijahe ngiqhubeke, ngixoxe amahlaya angcolile. Futhi, O Nkulunkulu, ngakwenza kanjani na? Zisekhona izibazi phansi enhliziyweni yami lapho ngikwenze khona. Kepha ngiyajabula Walisusa ibhande kimi. Sekuphele konke manje, Wema endaweni yami.

151 Lapha esikhathini esedlule, ngibuka owesifazane, futhi wayeyihlazo kabi ngangifuna ukumlahla. Futhi uNkulunkulu wanginikeza umbono. Ngamkhulekela-ke ngaleyonkathi, ngokuba ngibone ukuthi izono zami zazinkulu njengazo nje ezakhe. Futhi ngaya ngale ngahlala eceleni kwakhe futhi ngamthela ngehlazo, ngamtshela ukuthi nganginguumfundisi. Abangane bakhe babafana ababili . . . Wayecishe abenamashumi ayisithupha-nanhlanu kumbe amashumi ayisikhombisa, abangane bakhe babafana ababili baguqa phansi lapho, futhi bonke banikela inhliziyo yabo kuKristu. O, he, umehluko ongaka!

152 Ungeke wena na? Ngabe sewone kakhulu, namhlanje ekuseni, ngabe inhliziyo yakho imnyama bhuqe yagcwala umule ngangokuthi ngisho uMoya oNgcwele ngeke ngisho usayithinta na? Mhlawumbe iJuba seLindizele kwingunaPhakade, Selihambe amasolokohlo.

153 UNkulunkulu akubusise, s'thandwa. Intombazanyana iyakhuphuka. UNkulunkulu akubusise, s'thandwa. Uthi, "Leyontombazanyana ayazi." O, yebo, iyazi. Ayikawafundi nje amaphephabhuku nezindaba ezindala zothando njengoba nonke ninjalo. Yileyo indaba, ithambile. UJesu wathi, "Vumelani abantwanyana beze kiMi."

154 Ukhona omunye ongathanda ukuza, azimbandakanye khona lapha namhlanje ekuseni na? I altare livulekile. Esinye futhi isikhashana, khona-ke sisacula futhi, khona-ke sizobeka umkhuleko ngenkathi lezizoni ezizisolayo zisakhuleka.

> Isela elalifa lajabula ukubona
> Lowo mThombo e . . . (Impela, kwase kuphele konke, umfokazi ohluphekayo wayesephelile)
> Nami mangibe lapho, nakuba emubi kangako

155 Ungenyuke manje na? Ungenyuke, wena owazi kangcono? IBhayibheli lathi, "Uma wazi ukwenza okuhle, kepha ungakwenzi, kuwena kungaphezu kwesono." Ungeze na? Uyazi ukuthi usephutheni. Phenya indlela wenyuke uguqe eduze kwe altare, futhi utshele uNkulunkulu uyazisola ngendlela oMphathe ngayo. Vumela uMoya oNgcwele abuye futhi akwenze ube mnene futhi ubenokuthoba nokuthula futhi. Ungeze na? Khumbula, uma ufa, futhi Esesukile kuwe, akayikubakho umuntu oyokunxusela ecaleni lakho. Uyakufuna ukuba uMmele namhlanje ekuseni. UNkulunkulu akubusise, mfowethu.

156 Kulindiwe. Ngabe yilokhu, ishumi nanhlanu nje ebandleni ngempela ozizwa ukuthi ulahliwe na? Ubuphila enoxolo, nobumnene, nokuthoba, impilo enokuthula na? Manje, lokhu kuqondiswa nguMoya oNgcwele. Uyathethelela, awunazo izitha na? Uphila o-kwadlule, ngaphezu kwalokhu kulahlwa, zoni na? Aniphilisi okwabahedeni, niphila ngokwahlukile? Impilo yenu yonke ilinganiseka ngokwahlukile na? UMoya oNgcwele onokuthula ehlezi esihlalweni senhliziyo yakho, ekwenza uphile ngoxolo nokuthula nokuthanda, ngakubo bonke abantu na? Omakhelwane bakho nabobonke bayazi, nabobonke ohambisana nabo bayazi, ukuthi ungonokuthoba, onokuthula, onobumnene, umKristu ozithobile na? IJuba likaNkulunkulu linawe na? Uqinisekile na? Leli kungaba lithuba lakho lokugcina. Kulungile.

157 Ngakho kinina lapha e altare, uNkulunkulu akubusise. Ungeke wahlulelwe manje. UMoya oNgcwele ulethe ukwahlulela kuwe. Futhi awuzamanga ukugodla amalungelo akho, uthi, "O, bengingumKristu isikhathi eside ngokwanele. Angizukuya." Abanye benu, isikhathi sakho sokuqala ukuba uze ubese altare. "Ngingahlala ngiyisoni uma ngithanda, lilungelo lami lelo." Yebo, kunjalo. Nguwena onokuzikhethela, ungazenzela noma ngayiphi indlela oyifunayo. Kodwa ulahle amalungelo akho namhlanje ekuseni. Uthi, "Bayothini, mina ngizisho ubuKristu bese ngenyukela e altare, bayothini na?" Kodwa uthini uNkulunkulu na? Ukutshele ukuba uze, futhi weza. Manje ulahle amalungelo akho, weza ukuze ube noMoya oNgcwele onokuthula ukuba uthathe indawo yaWo enhliziyweni yakho namhlanje. Ngiyazi Uzokwenza. Ngiyazi Uzokwenza. Wathembisa ukuthi Uzokwenza. Lapho, Ungeke uvimbeleke, akukho nje okungawuvimba ungezi. Uyanxusa, ekhala, wafa, nakho konke okunye, endaweni angeza kuyo, efuna ukuza kuwe.

158 Futhi emahoreni akho okufa, lapho ingelosi yokufa ihlezi onyaweni lombhede, esikhundleni sokubuka phandle laphaya entweni ecashileyo, futhi wazi ukuthi ngesinye isikhathi wenqaba ukuza, kwase kuthi umphefumulo wakho waba mnyama wafuseka, akusekho sikhathi, akunandaba noma ngabe wakhala kanzima kangakanani. U Esawu wona waqhela ngesono sakhe somusa . . . ngiqonde, usuku lwakhe lomusa, futhi akalitholanga ithuba. Wakhala kamunyu, ezama ukuthola indawo yokukulungisa, kodwa akakwazanga ukukwenza. UNkulunkulu wambiza okokugcina.

159 Kodwa ulahla onke amalungelo akho nabo bonke abangane bakho, nawo wonke umbono wakho nakho konke, namhlanje ekuseni, ukuba uze lapha. Ulahle amalungelo akho, ukuba uguqe lapha ukhulume noNkulunkulu. Nginitshela ngeZwi leNkosi, ukuthi uKristu wathi, "Oza kiMi, Angisoze ngamlahlela ngaphandle." Manje ngenkathi niselapho e altare, phendukani, Mtsheleni ukuthi niyazisola nenza enikwenzile.

160 Yingaleyondaba abantu bengamamukeli uMoya oNgcwele ngenkathi bebhaphathizwa, bavele bangaphenduki ngokwangempela. UNkulunkulu uzama ukubanika uMoya oNgcwele. Ufuna wena ubemnene, uzothe, uthule. Yingaleso sizathu uvuka nabo lobobugovu enhliziyweni yakho. O, ungavuka, umemeze, ukhulume ngezilimi, noma yikuphi, lokho kungeke kwakwenza ube noMoya oNgcwele. Ufanele ukuvuka lapho ungumuntu owahlukile. Ufanele ukuvuka lapho, uthobile, uthule, umnene, uzithobile, noMoya kaNkulunkulu uhlala nawe. Ngonyaka ozayo, ubuke emuva emzileni ubone ukuthi usuhambe kangakanani, ubone ukuthi uzuza umhlabathi sonke isikhathi. Lowo nguMoya oNgcwele. UMoya oNgcwele uluthando, ukuthokoza, ukuthula, ukubekezela, ubumnene, ububele, ubuvi, ukukholeka. Manje, vele uphenduke utshele uNkulunkulu uyakufuna lokho njengamanje, Muhle kakhulu.

161 Ntombazanyana, wena lapho, s'thandwa, yenza into efanayo. Busiswa. Umama wakho umi ubeke izandla zakhe phezu kwakho.

162 Lodadewethu omdala othandekayo wekhaladi lapha, ekhotheme e altare. Ungahle ukuba wadla izinkwa zommbila nophuthu olumahhadlahhadla, mhlampe wake wahlala emhubheni wezindlu, ngokuba konke ngiyakwazi, dadewethu. UNkulunkulu abusise inhliziyo yakho, kukhona indlu yobukhosi elungiselelwe wena eNkazimulweni namhlanje ekuseni. Kunj alo.

163 Ngibuka phansi e altare ngibona intombi, esiqhakaza, owesifazane osemncane egobise ikhanda lakhe, owesifazane onezinwele ezimhlophe-qwa. O Nkulunkulu! Ngibona indoda iguqile, abanye ngapha. Vele uphenduke, uMtshele ukuthi uyazisola. Mtshele ukuthi awusophinde ukwenze. Ngomusa waKhe, uzovele udedele konke ukungezwani kwakho kushabalale, kusukela namhlanje kuqhubeke. Ufuna ukuba nokuthoba nokuthula. Ufuna ukuzithoba futhi uye lapho Ekuholela khona.

164 Uma abantu besho utho, akunandaba ukuthi kubukeka kuyikho kangakanani, uzowalahla amalungelo akho ukukhuluma ngomakhelwane wakho. Uzokhuluma, uzokhuluma ngoJesu. Uzovele wenze into elungileyo. Awuzukuphuma njengombulali. Awuzukuphuma ugxumele kongenacala. Kepha ubona lowomnyakazo wesibindi sobuqhawe samaKristu eqiniso, futhi ufuna ukuba njengawo. Awudingekile ukutshela noma ngubani ukuthi ungumKristu, uma unguye, bavele babubone babazi usakhuluma. Uphawulwe ngaphakathi nangaphandle.

165 Manje, njengoba uzithoba ngenhliziyo yakho, phenduka manje. Mtshele uNkulunkulu ukuthi u "yazisola," wena "awusophinde ukwenze," una "mahloni" qobo lwakho, ngendlela oziphathe ngayo. Khona-ke ngizokukhulekela. Futhi

ngiyakholwa, khona nje, ukuthula kuzovele kuhlale phezu kwenhliziyo yakho, ukuthula nje okunjengomfula kuzofika kugelezele phansi emphefumulweni wakho. Ungememeze, ungekhulume ngezilimi, ungegxume phansi na phezulu; kodwa uzosuka e altare usuneNto ekuwe, Into ekuwe ezokugxilisa esiphambanweni esidala kuze kube nininini. Manje khuleka, njengoba ngenza. Vuma.

166 Baba wethu oseZulwini. Izidalwa ezingafanele, lendlu eshisayo, enomjuluko namuhla ekuseni, ibhokisi lomjuluko; kodwa, Nkulunkulu, Wakujulukelela thina. Moya oNgcwele yehla, abantu abavumile ukuthi bebesephutheni. Bebekade bona. Imimoya yabo ibingalaleli. Babanodlame, ondabazabantu, osiyazi, bengavumi ukuphenduka, bengavumi ukuthethelela abantu abenze izinto eziphambene nabo. Bebengavumi ukukwenza, kodwa namhlanje uMoya oNgcwele uthathe iZwi likaNkulunkulu, waLibeka ngqo ezinhliziyweni zabo ezinokuthula, wathi, "Manje ufuna ukubuyela kulokho obuyikho kuqala uza e altare, ubuyela lapho kukhona wonke umuntu, uthanda wonke umuntu, futhi uNgithanda ngothando olungafiyo na? Wase-ke usukuma wenyukela e altare." Bakwenzile, Nkosi.

167 Manje, ngiyakhuleka manje ukuthi Uzongcwelisa imicabango yabo, Nkosi, ngcwelisa inhliziyo yabo ubenze bazothe babenokuthula. Sengathi bangasukuma kuleli altare manje, emva kokuba sebephendukile, banikela ngezimpilo zabo kuWe, babuyele emakhaya abo. Akunandaba noma kwenzekani, uma indoda icasuka kakhulu, noma umfazi ecasuka, noma umakhelwane ecasukile, noma ngubani osebenza naye, noma ohambisana naye, "Ngiyovele ngibemnene njengejuba."

168 Kanti nokho, impindiselo yaKho ingeyaKho, "Ngiyophindisa, isho iNkosi." Sikutholile lokho ukuthi kunjalo, Nkosi. Yima nje uthule, zotha, buka uNkulunkulu ethatha . . . ehlela ngqo ewundlwini laKhe. Impela, qiniso. LoMelusi wezimvu omuhle unikela ukuPhila kwaKhe ngenxa yazo, Wehlela ngqo ezimvwini zaKhe. Futhi Uyoziqondisa. Maye kulowo oziphambanisayo! Maye kulowo okhuluma izwi elilodwa eliphambene nabo! Wathi, "Kuyobangcono ukuthi itshe lokusila lalengiswa entanyeni yakho, waphonswa ekujuleni kolwandle. IziNgelosi zabo njalo zibuka ubuso bukaBaba waMi oseZulwini." Niyabo? O Nkulunkulu, sifuna . . . "Futhi Okwenza kubo, Ukwenza kiMi."

169 Ngakho, Nkulunkulu, ngifuna ukuba nokuthula. Ngizibeka mina qobo e altare, futhi, namhlanje ekuseni; kungabi namhlanje ekuseni, kodwa kusa konke nansuku zonke. Ngifuna ukuba nokuthula nokuzotha, futhi njengoJesu. Kwenze, Baba. Sisize sibenjalo manje, vumela amagagasi angenakulinganiswa othando aginqikele phezu komphefumulo wethu.

Ukuthula! Ukuthula! Ukuthula okumangalisayo,
Okwehla kuvela kuBaba phezulu;
(AwuKuzwa manje enhliziyweni yethu na?)
. . .phezu komoya wami phakade, (Haleluya! Haleluya!)
Ukuthula! Ukuthula! Ukuthula okumangalisayo!

170 U Dadewethu Gertie uthe kutshelwe lonke ibandla ulahliwe, futhi, kodwa wenza upiyano i altare lakhe. Njengoba i altare, upiyano luli altare lakhe, uthe, "Tshela ibandla lingikhulekele," njengoba ehlala lapho nezinyembezi zehlela phansi phansi kwezibuko zakhe. Lelipulpiti lili altare lami. Ngiphendukile, futhi, iBhayibheli lami limanzi. O Nkulunkulu!

Ukuthula, ukuthula kukaNkulunkulu!
Kwehla kuvela kuBaba phezulu; (O, haleluya)
. . .phezu komoya wami phakade.

171 Nkulunkulu, uma ngone noma ngubani, ngone Wena, kususe, Nkosi. Susa isono ebandleni lami elincane namhlanje ekuseni.

172 Bangaki asebengezwa ukuthi uNkulunkulu uyanithethelela, neJuba lokuThula lihlala phezu kwenhliziyo yenu futhi na? Lindize labuya khona manje, lathatha indawo yaLo. UMoya oNgcwele uvele wabuya futhi wathi, "Mntanami, beNgifuna ukukuthanda sonke isikhathi. Ubuvele uNgangivumeli ngikwenze. Ngingeke ngahlala nomoya wakho omdala wobugovu. Kodwa manje njengoba usunikele ngawo, seNgibuyele enhliziyweni yakho namhlanje ekuseni." Bangaki ozwa ngaleyondlela, phakamisa isandla sakho? Phakamisa isandla sakho, kulungile, ngakuyo yonke i altare. O, kuhle lokho. Bangaki ngaphandle kubalaleli ozwa ngaleyondlela na? Phakamisa isandla sakho. O! [UMfowethu Branham uthi kumsehayi-piyano, "Ukufana noJesu."—Umhl.]

173 Baba wethu oseZulwini, siyaKubonga ngalesisikhathi sokungcweliswa okuthambileyo, njengokuthatha i apula esandleni, litubuzwe, lichobozwe, lize lizothe, lizothe ngangoba ingane encane ingahlala phansi ilidle. Yileyondlela esifuna izinhliziyo zethu zibe yiyo, Nkosi. Ithathe uyifake esandleni saKho esinesibazi, uvele uyichoboze, uthi, "Mntwana, awuboni ukuthi uNgithunukile na? WawuNgithunuka ngenkathi uphunyuka esibambweni kanjalo. WawuNgithunuka, o, inhliziyo yaMi yavele yopha ngenxa yakho, mntwana, ngenkathi ngikubone wenza izinto ezinje-nezinje. Kodwa manje njengoba seNginenhliziyo yakho esandleni saMi, Ngifuna ukuyenza ibe mnene ngempela. Ngifuna ukuyenza ukuze Ngiyisebenzise futhi ngihlale phakathi kuyo. Ngifuna ukundiza ngibuyele othini namhlanje ekuseni, Ngifuna ukundiza ngibuye ngihlale, Ngihlale nawe." Kwenze, Nkulunkulu. SiyaKuthanda. Kwenze, ngenxa yenkazimulo yaKho. Sicela eGameni likaJesu.

Ukufana noJesu, u...(Anikuthandi ukuvele nikhonze kanje na? O, umphefumulo wami uyahlamba nje.)
Emhlabeni ngi...(UkuMbona ehlela ku—kubakhonzi kanje, inhliziyo yenu ikuzwa ngempela ukuthoba na? Inhliziyo yami ishaya ngamandla.)
...uhambo ukusuka emhlabeni kuya eNkazimulweni
Ngicela kuphela ukufana naYe.

Ungaphakamisa isandla sakho sisalicula na?

Ukufana noJesu, u...
(Joe, uyafuna ukwenyuka uthandaze namhlanje ekuseni, mfowethu na?
UNkulunkulu akubusise. Zitholele indawo lapha e altare, Mfowethu Joe. UNkulunkulu akubusise, mfowethu.)
...uhambo ukusuka emhlabeni kuya eNkazimulweni
Ngicela kuphela ukufana naYe.

174 Ngiyazi ukuthi kuyashisa, bangani. Ngiyazi ukuthi kunjalo. Kodwa ngi—ngiyethemba nizwa njengoba nami ngizwa nje. O, ngizwa nje sengathi ngingavele ngisuke ngindize nje. Uthanda kangaka! Bengingenzenjani na? Ngingayaphi na? O Nkulunkulu! Ngiyaphi na? Ngibhekephi na? Kuzoba ku—kuzoba kuphi na? Ngizoba kuphi eminyakeni elikhulu kusukela manje na? Ukuba bengingenaYe-ke? Kuphi, sikuphi esinye isiphephelo na?

Emkhombeni wase Betlehema kwavela isiHambi,
Emhlabeni ngilangazelela ukufana naYe;
Ukudabula uhambo lokuphila ukusuka emhlabeni kuya eNkazimulweni
Ngicela kuphela ukufana naYe.

Sonke kanyekanye manje.

Ukufana noJesu...(Makadunyiswe uNkulunkulu! Yebo, Nkosi! Yebo, Nkosi! Hhayi izwe; njengaWe!)
...ukufana naYe;
Ukudabula lonke uhambo lokuphila ukusuka emhlabeni kuya eNkazimulweni
Ngicela kuphela...

175 Nisakhothamise amakhanda enu, ngizonibuza okuthize. Omunye lapha ucasula uMoya oNgcwele. Ukhona obiziwe. Ngikhuluma eGameni leNkosi uJesu, njengomprofethi waKhe. Ngiyayizwa inhliziyo yaKhe ibuhlungu. Phandle phakathi

laphaya, ukhona ongaMlalelanga, bekufanele eze. Ungeze manje na?

> Ukudabula lonke uhambo lokuphila e . . . (Yebo, dadewethu, kepha kukhona abanye ngaphandle kwakho) . . . Nkazimulweni.
> Ngicela kuphela ukufana naYe.

> Ukufana noJesu nje . . . (Leso yisifiso sami sonke, ukuba mnene nokubamncane, ukuzithoba, ngifane naYe)
> Emhlabeni ngi . . . (Ningenyuke manje na? UNkulunkulu ufuna ukunibona ninyakaza, nibaningi)
> Ukudabula . . .

176 Bengazi ukuthi beniza. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Nakho-ke. Nakho-ke. Ngibuke phandle phezu kwalababalaleli, nethunzi elimnyama elibi kabi engiqalayo ukulibona. UMoya oNgcwele ulapha manje. Uphezu kwami njengamanje. "Ukudabukisa uMoya oNgcwele."

> Ukufana noJesu . . .

177 Wenzenjani na? Waya lapho uBaba amholela khona. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Kunjalo, qhubeka wenyuke uguqe phansi.

> Emhlabeni ngilangazelela . . .

178 Manje sekuyisikhathi sokuvuma sakudala, sokuqondisa, uhlambuluke. Wozani. Kuyezwakala basekhona abanye phakathi lapho. UNkulunkulu akubusise, ntombi. UNkulunkulu akubusise, ntombi. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Kuhle. UMoya oNgcwele uhlala engoqinisileyo. Wozani. Kuhle, phuma nje.

> NaYe, ukufana noJesu, ukufana, yebo, Jesu,
> Emhlabeni ngi . . . (O, he, kunjalo! Yileyondlela, gcwalisani izikhala nje phezulu, phumani nithi qekelele nikhuleke)
> Ukudabula lonke uhambo lokuphila ukusuka emhlabeni kuya eNkazimulweni,
> (Vele uphenduke, tshela uNkulunkulu uyazisola, yilokho kuphela okufanele ukwenze)
> . . . ukufana naYe.

179 Ngifuna niqhubeke niza manje. "Uku . . . " Kuhle, zidele nje, khuphuka uze. "Ukufana . . . "

180 Uzokwenzenjani na? Ubani ozokumela, mhlambe ebusuku namhlanje na? Ubani ozokumela nxa ukufa sekukhuphuka ngomkhono wakho na? Akunandaba ukuthi wenzeni, uMoya

oNgcwele uhlezi khona laphaya eduzane kwakho. NguYe efuna wena ukuba uze.

Ukudabula uhambo lokuphila ukusuka emhlabeni kuya eNkazimulweni.

181 Phenduka nje, thana, "Nkulunkulu, ngiyazisola. Ngi—angithandi ukwenza lokho. Awuyikungimela uma ngingaKumeli manje. Futhi ngifuna Ungimele, futhi ngiKumele kusukela namhlanje kuya phambili. Ngizophila njengoba umKristu efanele. Ngizoguqula izindlela zami. Ngizothoba ngithule. Ngizoyekela bonke abantu bakhulume okwabo, yonke into. Ngizovele ngiphile ngobumnene futhi ngithule phambi kwaKho." Akunandaba ukuthi sekuyisikhathi eside kangakanani uzisho ukuba ungumKristu, ukuthi ukhonza kuliphi ibandla, lokho akuphathelene nalo. Woza impela. UNkulunkulu akubusise. Phuma nje uqonde phambili, mntwana.

182 UNkulunkulu ukhuluma nawe manje. Uma ungikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe, uMoya oNgcwele ukhulume kimi namhlanje ekuseni, wathi, "Babize kanjalo, baningi abaphansi lapho." Lolu lusuku, lesi yisikhathi. Kusekhona cishe abahlanu noma abayisithupha emuva laphaya, obekufanele impela beze manje. Khumbula, mfowethu, dadewethu, nginibuka ngqo, ngiyawabona lawomathunzi amnyama elengela phezu kwenu. Kuhle nize impela nje.

183 Ukufana noJesu! Anithandi ukufana naYe, ukuzotha, ukuthula, ubumnene, ukuzithoba na? UNkulunkulu akubusise, nsizwa. UNkulunkulu akubusise, baba nengane. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. UNkulunkulu akubusise, mngane oyisoni. Kuhle. Qhubeka wenyuke, sisi, phuma nje uqonde phambili, zitholele indawo nje. UNkulunkulu akubusise.

184 Dadewethu othandekayo, unokuningi ofanele ukukubonga. Ulele uboshelwe embhedeni, ufa, nakhu ulapha wehla uya e altare. UNkulunkulu abusise inhliziyo yakho ethambileyo.

185 UMoya oNgcwele uyakhuluma futhi manje. Ukuphenduka, vele ukhale kakhulu kuNkulunkulu, vele ukhuleke umkhuleko wakho. Nguwe owonileyo, manje nguwe ofanele ukhuleke. Mtshele uNkulunkulu ukuthi uyazisola ngalokho okwenzileyo. Ungabi nandaba ukuthi ubani oseduze kwakho. Vele uthi, "Nkulunkulu, ngithethelele, ngangingaqondile ukuba njalo. Ngifuna ukuzotha. Ngizo—angisayikuphinde nezengiphambuke ngiqophisane."

186 O Nkulunkulu, o, ngiyakuthanda! Baba oseZulwini, yilowo nalowo ozisolayo phansi e altare manje, bekhothamele edolweni labo, bekhuleka! O Nkulunkulu, sengathi omama, obaba, abantwana, obaba, omama, noma ngubani, omakhelwane, amalunga ebandla, abadikoni, abaphathi, O Nkulunkulu, kulesisikhathi sefeshini endala yokubunjwa, sihlezi kulendlu

eshisayo namhlanje ekuseni, uMoya oNgcwele wehla ngqo, ukhuluma ukuthula. O Nkulunkulu, ngifuna ukuma ngalolosuku ukuKuzwa uthi, ngesizotha, "Yebo, wenyukela lapha waNgimela, manje Ngizokumela." Ngifuna Ufake lokho kuthula kuyoyonke inhliziyo elapha namhlanje, Nkulunkulu. Ngokuthula nangokuzotha, ngifuna Ukwenze. Ngifuna nje Ugudlukele phakathi lapho ngalokho kuzwa okumnandi ukuthi akusayophinde neze kubashiye, kusukela kulolusuku emva kwalesisikhathi. Sengathi amakhaya angaba ngamasha. Sengathi abantu bangaba ngabantu abasha. Sengathi konke kungaba kusha namhlanje, ngoba lababantu bazithobile. Wathi, "Uma abantu ababizwa ngeGama laMi beyakuzithoba, bakhuleke, khona-ke Ngiyakuzwa ngiseZulwini." Futhi ngiyazi Uyezwa, namhlanje ekuseni, Nkukunkulu.

187 Futhi ngikhulekela intethelelo yalabo abasale esihlalweni sabo, obekufanele beze. Nkulunkulu, khuluma kubo, futhi sengathi bangebe nakho ukuthula nhlobo emhlabeni kuze ukuba sebesenzile lesosinqumo, Nkosi, ukuba beze balungisane naWe. Kwenze, Nkosi. Busisa ngamunye ngamunye manje. Sengathi ububele baKho nomusa waKho ungahlala njalo njalo kulowo nalowo mphefumulo odabukileyo wakhothama kulelibandla namhlanje ekuseni.

188 Baba, Nkulunkulu, Ngikwenzile lokhu esilayezweni saKho. Ngibabizile lababantu; bamile. Wathi, "Oyofakaza ngaMi phambi komuntu, Ngiyofakaza ngaye phambi kukaBaba waMi naseziNgelosini ezingcwele." Abaningi balaba lapha bebeyilokhu bengamaKristu iminyaka, kodwa bami namhlanje ekuseni ukufakaza izono zabo ukuthi benze okuliphutha. Babengabangathandeki. UMoya oNgcwele wawusuhambile kubo. Futhi izikhathi eziningi ukuthi bengakuzwa lokho kuzotha, okumnandi, ukuzwa ubumnene okufanele bakuzwe. Abaningi babo bayizoni abaqalayo ukuza. Kodwa, Baba, bafuna lokho kuzwa okumangalisayo, ukuthula okudlula ukuqonda konke. Banikeze khona namhlanje, Nkosi Nkulunkulu, futhi sengathi bonke bangathandeka bagcwale uMoya waKho, sebesuka kulendawo namhlanje, ukuba baye amakhaya abo ahlukeneyo, ukuba baphile impilo eyahlukileyo futhi ukuba babengabantu abahlukile. Sicela lokhu kwelikaKristu iGama.

189 "Indawo EmThonjeni." Kulungile, wena ose altare, sukuma, buka phezulu eNkosini uNkulunkulu, phenduka uxhawule izandla zalowo nalowo oseduze kwakho. O, sizocula, sonke manje, sisamile okwesikhashana ngaphambi kwenkonzo yokuphulukisa.

Indawo, indawo, yebo, ikhona indawo,
Ikhona indawo yakho emThonjeni;
Indawo, indawo, yebo, ikhona indawo,
Ikhona indawo yakho emThonjeni. (Sonke!)

Indawo, indawo, yebo, ikhona indawo,
Ikhona indawo yakho emThonjeni;
Indawo, indawo, yebo, ikhona indawo,
Ikhona indawo yakho emThonjeni.

Indawo, indawo, yebo, ikhona indawo!
[Akuthwetshulwanga—Umhl.]

190 Ukukholwa! Uyazi ngolunye usuku, mfowethu, nxa owakho—umkakho ebiziwe wenyuka, ukuba akhulekelwe na? Ngaqonda endlini, noMoya oNgcwele wathi kimi, "Ungesabi." Ameni. Akasuye oweqiniso na? Uyamangalisa! Kuhle, ayibongwe iNkosi! Ngizwa kuthi mangimemeze ukunqoba! Kulungile.

NeGazi laKhe lihlanza mhlophe. . .(Yiba nokuthile ongakusho?)
UJesu uyasindisa!

191 Kulungile, Mfowethu Neville manje. NoMfowethu Slaughter unezwi afuna ukulisho. [UMfowethu Slaughter uyakhuluma—Umhl.] Ayibongwe iNkosi! [UMfowethu Neville uthi, "Ngiyakholwa wonke umuntu wamukele namhlanje ekuseni."] Udumo! Haleluya! Haleluya! [UMfowethu Neville uyakhuluma, futhi usethi-ke, "Khumbulani izinkonzo namhlanje ebusuku, sinenkonzo yokugezana-izinyawo nenkonzo yesidlo." Ubuza uMfowethu Branham, "Uyazi noma uzokwehla na?"] Mhlampe ngizobakhona kulobubusuku, futhi. Yebo, ngokwazi kwami, ngizoba lapha ngaphandle uma ngibizelwa phandle ndawo thizeni.

